# INkomfa

Hlalani phansi. Ngiyajabula ukuba se, sibuthene ezindaweni zaseZulwini kuKristu Jesu, sizwe imilayezo evela eNkosini, sazi ukuthi siphila futhi ezinsukwini zomnyakazo weBandla lababphostoli. O, ngijabula kakhulu ngalokhu!

2 Namhlanje kube usuku olumangalisayo. Sibe nezingxoxiswano ezithile nabantu, kanjalonjalo, noMoya weNkosi ubuseduze, futhi sizibonile izinto ezinkulu zenzeka. Futhi ngikholwa ukuthi sesiseduze kokuphela, siseduze ngempela, sisondele kakhulu kunoma sicabanga ngempela ukuthi sinjalo.

3 Ngakho kulobubusuku ngobunye ubusuku esinenhlanhla yoku, ngakuloluhlangothi lePhakade, ukubuthana ndawonye ukukhuluma ngeZwi laKhe. Ngikholwa ukuthi uma singavele sivale umhlangano futhi siye ekhaya, bekuyokwenza izikhathi eziningi kusikhokhele nje ngokuba phandle kulobubusuku, ukucula, nokuzwa iziyalo, noMoya ukhuluma kubantu.

4 Bukani emiBhalweni futhi niYihlole, lena yindlela o—okwaqala ngayo, yilendlela okuzophela ngayo. Senake naqaphela ukuthi umbuso wabeZizwe wangeniswa ngezilimi ezingaziwa nokuhumusha na? INkosi uNebukadinezari, isandla esiloba odongeni, izilimi ezingaziwa nokuhumusha. Kuphuma ngendlela efanayo, unyaka wabeZizwe.

O, bekungaba kuhle kakhulu ukuba besinamaviki ambalwa besingathatha ukukhuluma ngesiprofetho, kanjalonjalo, i . . .

5 Ngibuze uMfowethu Jack Moore, umngane wami oligugu, namhlanje uma kungalunga uma ngimemezele okuthize embuthwaneni kulobubusuku. Wathi, "Impela."

6 Kuqala ngeSonto elizayo, iviki, zizine kuya ziyishumi nanye, eJeffersonville, ngikhuluma ubusuku obuyisishiyagalombili lapho ngokuthi *ImiNyaka YeBandla EyisiKhombisa YokuGcina*. Ngizobhala ukuhlaziya okuncane ngakho, neNkosi yabonakala ikubeka enhliziyweni yami ukuthi ngiyokukhuluma phambi kwebandla.

7 Futhi kuzoya eteyipini enozibuthe, futhi kusukela kulokho kuye kumarekhodi, futhi kusukela kumarekhodi kuya emshinini wokubhala, isifinyezo, ukubhala ngomshini, bese kuthi-ke kube sekushicilelwe okwenza okungenani izincwadi ezintathu ezintsha eziphumayo manje zemibono, khona-ke lencwadi iyophuma, *ImiNyaka YeBandla EyisiKhombisa YokuGcina*. Ngikholwa ukuthi sikulowonyaka.

8 Kwenzeka kanjani ukuba ngikubhale, ngangibuka emuva njalo lapho iNkosi ikhuluma kimi ngikubeka phansi, bese-ke ngikubhekisisa, futhi ngikulethe kubantu, futhi ngibakhombise ukuthi kufezeka kanjani. Ngacosha isiprofetho, angizange, ngangingumelusi webandla lamaBaptisti lapho, ngangingazi ngisho ukuthi wawusho ukuthini umbono, futhi manje, lezozinto ezenzekile, ngingakubiza ngokuthi, "ukwehlelwa yisiyezi." Ngangingazi ukukubiza ngombono, ngalesosikhathi, ngangisengumfana nje, 1933, ngoJuni.

9 Ngangisendleleni yami eya kuSonto sikole, futhi ngenkathi ngithatha iBhayibheli lami umbono wafika phambi kwami, futhi ngamiswa kwiphansi lendlu. Futhi nakhu okwakusho, kusephepheni eliphuzi, kuzoshicilelwa kwi*Herald Of Faith* masinya, ngoba cishe konke okwakho kugcwalisekile. 1933, cabangani ngalokhu manje, eminingi, iminyaka eminingi eyedlula, cishe eminyakeni engamashumi amabili nesishiyagalombili eyedlula ku—kwenzeka, bhekisisani ukuthi iZwi laKhe linemba kangakanani.

10 Kwathi, "Manje sinomongameli, uMnu. Roosevelt, futhi loMnu. Roosevelt uzobangela izwe ukuba liye empini yomhlaba ngesakhe, ngesikhathi sakhe sokuphatha njengomongameli."

11 Kwase kuthi-ke, "Futhi ngalesisikhathi bavumele abesifazane ukuba bavote, okuyoba yisiqalekiso esizweni, bayokhetha indoda engalungile ngesinye isikhathi." Futhi bakwenza ngolunye usuku. Yebo. Manje, cabanga ngalokho.

12 Kwathi, "Sizoya empini neJalimane, neJalimane izoqiniswa emva kukakhonkolo, futhi sizoshaywa kabi kabi kulendawo," uMugqa iMaginot, iminyaka eyishumi nanye ngaphambi kokuba wakhiwe. Niyabo? Impela.

13 Kwathi, "Londlovu kayiphikiswa omusha, uMussolini, uzothatha isinyathelo sakhe sokuqala ngase-Ethiopia, ne-Ethiopia izowela ezinyaweni zakhe." Kwenzeka. Kwathi, "Lokho kuyoba okokugcina kwakhe, uyophelela ehlazweni."

14 Futhi ngathi, "Kuzofezeka ngaphambi kokuba kufike isikhathi sokuphela ukuthi kuzobakhona owesifazane omkhulu asukume e-United States, ngoba i-United States iphawulwe ngowesifazane, inombolo yakhe iyishumi nantathu, futhi uzovuka, kuphakathi kokuthi abe ngumongameli, noma," ngikufaka kobakake, "(mhlawumbe owesifazane, emuhle futhi ekhanga, uyoba yibandla eliKatolika) kodwa enonya enhliziyweni, futhi uyoholela isizwe ekungcoleni.

15 "Futhi khona-ke kuzofezeka ukuthi bayoba nemoto epheleliselwe endaweni, ukuthi ngibone umndeni uhamba ngemoto eyayifakwe ingilazi phezulu, futhi ingenaso isitelingi kuyo." Kwaku . . . Futhi ngibonile ngolunye usuku ukuthi khona, kwi*Popular Mechanics* ukuthi umshini usuvele usunguliwe, bangayiyisa nomaphi lapho ufuna ukuya khona ngohlobo

oluthize lwe, lokulawula kwerada. Uvele uhlele isigxobo sakho kukho, futhi iyaqhubeka ngqo. Awukudingi ngisho, futhi ifakwe ingilazi phezulu.

16 Ngase ngiphenduka ukuba ngibheke ngase ngibona i-United States yayishunqa, kukhona okwakuyishisile nya.

17 Futhi phansi ngaphansi kwalapho ngathi, "Hhayi esiyezini, kodwa, ngiyabikezela," khumbulani lokhu, ngiqagele lokhu kuyateyishwa, futhi, "Ngiyabikezela ukuthi lezizinto zizokwenzeka phakathi kwamanje, ngo 1933, no 1977." Okuzosinika eminye iminyaka eyishumi nesithupha uma isibikezelo sami sishaya kahle.

18 Manje, kwakukhona izinto eziyisikhombisa okwakhulunywa ngazo ezaziyokwenzeka, ezinhlanu zazo sezivele zenzekile, zimbili ezisele ukuba zenzeke. Kuyoba ngaleyondlela. Lokho ngukuthi, eGameni leNkosi kuyoba ngaleyondlela. Niyabo?

O, Mkhulu, futhi . . . [Omunye ukhuluma ngezilimi. Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

19 . . . Baba, ngenxa yemiMoya yaKho, ngenxa ye . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . thumela phezu kwabantu, iziphiwo esiseBandleni. SiyaKubonga, Nkosi, ngokuba bakhuluma ngobunye, bakhuluma ngobunye ngokufika kwaKho. Abaprofethi, izikhulumi ngezilimi, abahumushi, bonke bayasexwayisa, ihora seliseduze, futhi ngempela sikholwa ukuthi isikhathi sesedlule kunoma sicabanga. Kwangathi singalungiselela izinhliziyo zethu nemiphefumulo yethu ngokufika kweNkosi.

20 Futhi, kulobubusuku, njengoba sifunda eZwini laKho, kwangathi Ungakhuluma kithi manje ngeZwi elilotshiwe. Siyacela, eGameni likaJesu, nangenkazimulo yaKhe. Amen.

21 ENcwadini ka-Isaya okoMlayezo omfishane nje, ukuba nginganigcini isikhathi eside kakhulu. Ngifuna ukusho ebandleni ebelingekho lapha kulokhu ukusa, ngiyazi abaningi benu badingeke basebenze, kubi ukuba nomhlangano ngosuku lapho abantu befanele basebenze.

22 Kodwa umfowethu odumileyo nothandekayo, urabi, wasinika umlayezo ogqamile e—esikhathini naseBhayibhelini. Futhi ngiyithokozele ngempela i—inhlanganyelo umfowethu abe nayo nathi lapha, futhi engibe nayo naye. Futhi uzofanele ahambe kulobubusuku ngeleshumi nanye-*into ethize*, futhi uthe uyofanele ahambe cishe ligamenxe eleshumi. Ngathi, "Mhlawumbe siyobe sesiqedile ngalesosikhathi." Futhi ngiyamthokozela ngempela kakhulu. Kwangathi uNkulunkulu angamphuthumisa, ngumkhuleko wami.

23 Abaningi benu bezwa isiprofetho esincane sinikezwa esikhathini esingeside esedlule kulelibandla, ngowesifazane omncane, oyiBaptisti; kufezekile izolo ebusuku. Ngakho

ngineqiniso ukuthi ibandla liyazi ukuthi sikhuluma ngani. Lelibandla kulobubusuku limi esehlakalweni saseNtabeni yokuGuqulwa isimo. Kunjalo.

24 Asiphenye ku-Isaya isahluko 1, futhi sifunde kusukela evesini 17 nele 18, mhlawumbe ele 16 futhi, njengoba sifunda:

> *Gezani, nihlanzeke; susani ububi bezenzo zenu phambi kwamehlo ami; yekani ukwenza okubi;*
>
> *Fundani ukwenza okuhle; funani isahlulelo, nisize abacindezelweyo, nahlulele izintandane, nimele umfelokazi.*
>
> *Wozani-ke manje, sithethe indaba, isho iNkosi: noma izono zenu zibomvu, ziyakuba-mhlophe njengeqhwa; noma zibomvu njengokububende, ziyakuba-mhlophe njengoboya bezimvu.*

25 Baba, busisa iZwi laKho eliNgcwele. Silinda, Nkosi, phezu kukaMoya oNgcwele ukuba usembulele lezizinto. Khuluma kuyo yonke inhliziyo njengoba sinesidingo, Nkosi. Unxusa ngeziphiwo eziningi nangeZwi laKho, unxusa emigwaqeni emikhulu nasezindleleni eziphambanayo, uzama ukuphoqa lababantu behora leshumi nanye ukuba balungiselele, Wena uyeza. Siphe khona, Nkosi, futhi ngisize manje, futhi ukhulume. Sicela eGameni likaJesu. Amen.

26 Uma ngingakubiza ngendikimba, ngizothanda ukuthatha indaba ethi *iNkomfa*, ngoba ngenkathi ngikhuphuka, ngaqaphela phezulu ngale komnyango lapho ubizwa ngoMhlangano weNhlanganyelo, futhi umhlangano wenhlanganyelo ufana nje nesikhathi lapho sihlanganyela khona ndawonye. Futhi manje, abaningi benu uyayikhumbula indoda endala ne—nendoda ethandekayo, nenceku kaNkulunkulu ebizwa ngo F.F. Bosworth, wayengumngane wami nomfowethu othandekayo, osanda kuya eKhaya maduze nje, esesondela eminyakeni eyikhulu ubudala, ukuyobonana neNkosi.

27 Futhi wayehlala njalo enamancoko, futhi lapho ngihlangana naye futhi ngikhulume naye, wayehlale enamancoko amancane. Futhi wayevame ukuthi, "Mfowethu Branham, uyazi ukuthi iyini *inhlanganyelo* na?"

Futhi ngathi, "Ngicabanga kanjalo, Mfowethu Bosworth."

Wathi, "Ngababafo ababili emkhunjini owodwa." Ngakho, ngicabanga ukuthi lokho okuzwakalisayo okuhle kakhulu.

28 Manje, ngenkathi efa, nezwa ngokufa kwakhe, kusobala, futhi ngaphuthuma ngehla ngokushesha ngiya eMiami ukuyombona. Futhi ngaphuthuma emnyango, futhi lapho wasukuma, ngimbona evuka, nezinwele ezimhlophe nekhanda lakhe elincane elinempandla, izingalo zakhe ezincane, ezizacile zelulekela kimi. Ngagijima ngambamba ngasentanyeni, ngase ngidazuluka, "Baba wami, baba wami, izinqola zika-

Israyeli nabamahhashi bakhe!" Ngokuba uma kwakukhona indoda engiyaziyo mina uqobo enezela isithunzi ebandleni lePentecostal, kwakungu F. F. Bosworth, indoda enkulu yokukholwa.

Khona-ke yangitshela, yathi, "Mfowethu Branham, nginezwi ngawe, futhi ngijabula kakhulu ukuthi ufike lapha ngaphambi kokuba ngihambe."

Ngathi, "Kuyini na?"

29 Wathi, "Shesha uye emasimini ezimishini khona manje." Wathi, "Yilapho impumelelo emsebenzini weNkosi ilele khona kuwe." Wathi, "Hamba, ngaphambi kokuba abanye balaba bafo abasebasha bahambe futhi bone indlela yokuhamba."

30 Ngase ngithi, "Mfowethu Bosworth, ngifuna ukukubuza umbuzo, mfowethu oyigugu, ongcwelisiwe. Kuzo zonke izikhathi zenkonzo yakho, kwakuyisiphi isikhathi esijabulisa kakhulu na? Ngenkathi wemukela uMoya oNgcwele; noma lapho umuntu othize ephulukisiwe; noma . . .?"

Wathi, "Khona manje yisehlakalo esikhulu kunazo zonke engake ngaba naso kuyo yonke impilo yami."

Ngathi, "Uyaqonda ukuthi uyafa na?"

31 Wathi, "Konke engikuphilele, iminyaka engaphezu kwamashumi amahlanu, Mfowethu Branham, nguJesu Kristu," futhi wathi, "noma ngamuphi umzuzu Angangena emnyango ukuba angiyise eKhaya."

32 Ngenkathi ukufa kumshaya, wavuka ekamelweni wayesexhawula abantu ngaphezu kwamahora amabili, abaphendukile bakhe, futhi abanye babo base behambile iminyaka engamashumi amahlanu.

Ngiyalithanda lelo*Hubo LokuPhila*, ingxenye yalo ithi:

> Izimpilo zamadoda amakhulu zonke ziyasikhumbuza
> Futhi singenza izimpilo zethu ziphakame kakhulu,
> Ngokuhlukana, sishiye ngemuva
> Amanyathelo ezinyawo ezihlabathini zesikhathi.
>
> Amanyathelo ukuthi mhlawumbe omunye,
> Nisahamba ngomkhumbi obalulekile wempilo,
> Ngomfowethu odabukile nophukelwe ngumkhumbi,
> Ekuboneni, uyakuba nesibindi futhi.

Ngiyakuthanda lokho.

33 Sihlangana ndawonye ukuxoxa ngezinto. Sizwa okuningi kakhulu ngezinkomfa kamuva nje, yonke into ozwa ngayo kamuva nje bekuyinkomfa. Babambe . . . [Akuqoshwanga

eteyipini—Umhl.] . . . Izinkomfa ze-UN emhlabeni wonke jikelele.

34 Yini *inkomfa*, empeleni na? Engeyani na? Ingeyalapho ibhizinisi, noma izinhloko zeminyakazo zihlangana ndawonye futhi zizame ukuxazulula into enhle ukwedlula zonke abaziyo ukuyenza.

35 Lapho, ngokwejwayelekile inkomfa ibizwa ngesikhathi senhlekelele. Ngesikhathi senhlekelele babiza izihlakaniphi zabo ezedlula zonke, amadoda abonakala azi okuhle ukwedlula konke, futhi ahlanganisa lamadoda ndawonye, izinhloko zezizwe, izinhloko zezinhlangano, izinhloko zamafemu amabhizinisi. Lapho inhlekelele ikhona, babiza lamadoda ndawonye, futhi ahlala phansi futhi asebenzise okungcono kunakho konke anakho ukuthola into izindliwe.

36 Bese kuthi-ke sithola ukuthi saba neyodwa ngesikhathi seMpi yesiBili yoMhlaba, ngikholwa ukuthi bayibiza nge—ngeNkomfa yaMane Amakhulu; sekube yiminyaka embalwa edlule, ethile engaphansi kwamashumi amabili, ukuthi babeneNkomfa yaMane Amakhulu. Abaningi benu besilisa nabesifazane lapha bangakhumbula leyonkomfa, ngenkathi lonke izwe lalisesikhathini senhlekelele, izwe lasempumalanga nelasentshonalanga lalisekupheleni komunye nomunye. IJalimane, nezizwe zamaNazi, kanjalonjalo, babiza bonke ubuchopho babo—babo obedlula bonke ndawonye, umuntu odumileyo wesizwe, ongcono kunabo bonke, base behlala phansi.

37 Ngikhumbula umngane, umngane wami ongumshumayeli, umfowethu oyiBaptisti, indoda ekahle kakhulu, uDkt. Pettigrew, eLouisville, eKentucky, futhi wayelalele imiphumela yaleyonkomfa. Futhi wathi waye, wayevule umsakazo wakhe elalele esendaweni lapho imiphumela yayingena khona, ababezama ukukunquma.

38 Futhi ngicabanga ukuthi yilokho sonke ebesifanele sikwenze, ngicabanga ukuthi uma izinto sezisekupheleni, asifanele silalele kuphela, sifanele sikhuleke, sikhulekele abaholi besizwe sakithi, sikhulekele amadoda esemandleni, ukuthi uNkulunkulu uzobusa.

39 Ngangikomunye wayo ngoluny'usuku ngenkathi ngiqaphela ukuthi sasiyishumi nanye sihlezi etafuleni, e—e—enkantolo enkulu yenhlangano yamazwe, futhi ekugcineni kwetafula kwakukhona isihlalo esisodwa esingenamuntu. Ngangibandakanyeke kulokhu, futhi ngiyazi ukuthi Ubani owayehlezi lapho ngendlela okwaphuma ngayo, iNkosi yami. O, ngijabula kakhulu ukuthi umkhuleko uguqula izinto! Khona-ke ngenkathi si . . .

40 UDkt. Pettigrew wathi wayehamba kwiphansi elalele imiphumela, futhi wathi othile wangqongqotha emnyango,

futhi kwakungomunye walaba besimanje, abantu abawuhlobo lwemidlwembe begqoke ama-ovaloli, futhi wayenze izinwele ezinde, futhi phansi naphezulu, futhi niyazi, futhi angazi, zonke lezo uhlobo lwezinto zobuwula futhi wathi, "Ngifuna uhambe nami ezansi nedolobha, ngi—ngibhala incwadi efundwayo," wayesethi, "ubunkondlo, futhi ngi . . . Bangeke—bangeke bathenga ubunkondlo bami," wathi, "futhi—futhi uyindoda enokuthonya," wayesethi, "wena—wena woza ungisize futhi unginike isincomo."

Futhi wathi, "Ndoda yami elungileyo, ngilalele imiphumela yenkomfa yaMane Amakhulu. Ngifuna ukwazi ukuthi iphuma kanjani."

41 Futhi lomdlwembe wathi, "O, inkondlo yami, amaculo ami nomculo wokuzibinya wesimanje," noma udum-dum, noma ngabe kwakuyini ngalezozinsuku, abantu abasha babekwenza, "kubaluleke kakhulu kunalokho!" Ngingazi uma lokho kungazange kuhambe kahle, besingeke sisabakhona isizwe esizoba nodum-dum, noma—noma noma ngabe bakubiza ngokuthini izinto. Manje, o, besifanele sishisekele ngalezizinto.

42 Kwakukhona enye inkomfa eyayibizwa ngeNkomfa yaseGeneva, futhi, lapho sasidingeka sihlangane ndawonye futhi nezizwe, futhi sizame ukuxazulula lokho okuyinto engcono ukwedlula zonke ukuba yenziwe; futhi kwakukhona eyodwa esanda kubizwa ngeNkomfa yaseParis. Futhi ngokwejwayelekile bakhetha indawo, indawo enhle lapho ifanele khona.

43 Muva nje bengiseGeneva lapho ababebambe khona leyonkomfa, futhi kubonakala kuyindawo lapho abangabuka khona phandle futhi babone izinto ezibafaka ugqozi. Kuyaxaka lapho—lapho ubunzima buphezu komuntu, ufanele abe nento ethize ukumfaka ugqozi. Izimbongi zikhwela ezintabeni ukubuka ukuphuma kwelanga; abaningi banaleyo umjondolo phandle ndawondawo; abaprofethi bahlala ehlane kude nabantu, ndawondawo ukuthola *into ethize* ebafaka ugqozi.

44 Futhi iNkomfa yaseGeneva yabanjelwa endaweni enhle, iNkomfa yaseParis, kanjalonjalo. Futhi ukubona lezizinkomfa zezizwe zifanele kakhulu, futhi sinezininingi kakhulu. Futhi sonke siyazi ngazo, sifunda ngazo ephephandabeni, futhi sizwe ngazo emsakazweni, namathelevishini, neminye imikhakha esinayo.

45 Futhi siyazi ngazo, kodwa ake sicabange ngezinye izinkomfa uNkulunkulu ayenazo. UNkulunkulu unezinkomfa, futhi. Wathi lapha, "Wozani, sithethe indaba, isho iNkosi, noma izono zenu zibomvu, ziyakuba-mhlophe njengoboya bezimvu; zibomvu njengobubende, zimhlophe njengeqhwa. Wozani, sithethe indaba." UNkulunkulu ufuna inkomfa; uNkulunkulu unezinkomfa.

46 Ezinkomfeni zomhlaba amadoda ahlangana ndawonye futhi ayadla, aphuze, aqambelane amanga. Kwehluke kakhulu lapho

uNkulunkulu enenkomfa: Amadoda ahlangana ndawonye futhi azile ukudla futhi akhuleke, athole iziyalo ezivela eZulwini, futhi aye phambili. Ake sikhulume ngenye yezinkomfa zikaNkulunkulu, noma ezimbalwa zazo.

47 Enye yenkomfa yokuqala ebengingacabanga ngoNkulunkulu enayo kwakuyinkomfa yase-Edene. UNkulunkulu wayenenkomfa e-Edene. Ngenkathi kufika izindaba eNkazimulweni ukuthi indodana yaKhe yayilahlekile, ukuthi yayonile futhi yafulathela uNkulunkulu wayo, izindaba zashaya eZulwini. Akungabazeki kodwa ukuthi, eziningi zeziNgelosi zazifuna ukwehla futhi zibone ukuthi zazingenza okuthile ngakho, kodwa uNkulunkulu wayefuna ukubamba leyonkomfa qobo lwaKhe. Kwakungumntwana waKhe owayesenkathazweni, Wayengenakukwethemba eNgelosini, kwakuyinkomfa ebalulekile.

48 Futhi kulolusuku lapho osiyazi bezenkolo beshumayela, nabantu bayasho ukuthi uJesu wayengumuntu nje, ukuthi uJesu nje wayengu—ngumprofethi ojwayelekile, ukuthi Wayengesuye onobuNkulunkulu, kungani kungasibhidliza sonke isithombe! Wayengaphezu komprofethi, WayenguNkulunkulu owehla enyameni ukunikeza inkomfa nokubuyisana, wayengesuye nje umuntu ojwayelekile noma umprofethi, WayenguNkulunkulu wabaprofethi, futhi Wehla esenyameni.

49 Futhi ngenkathi, khona impela, impela kukhombisa lokho ekuqaleni, inkomfa yokuqala uNkulunkulu ayenayo nomuntu, Wafika Yena uqobo, Akakwethembanga komunye umuntu. Ngenkathi uNkulunkulu ehla ukuzohlenga umuntu, Akakwethembi neze kumprofethi, Wafika Yena uqobo, ngokuba WayenguYe kuphela owayengakwenza.

50 Futhi ngenkathi lenkomfa enkulu e-Edene, uNkulunkulu wehla, futhi, bukani imvelo yomuntu, kuyakukhombisa namhlanje kumuntu, esikhundleni sokuba umuntu azame ukuphuma, futhi athi, "Nkosi, ngonile," uzifihla ndawondawo. Futhi izikhathi eziningi, njengoba kwenza u-Adamu, uzenzela inkolo yeqabunga lomkhiwane, into ethize azenzela yona, uhlobo oluthile lwesivumokholo ayezolusho, futhi azifihle.

51 Kodwa njengoba nje kwakunjalo ngo-Adamu kanjalo kuyobanjalo kuwo wonke umuntu othembele ezivumwenikholo. Kuyobakhona isikhathi lapho uma ngakuNkulunkulu, ukuthi isivumokholo sakho nenkolo yeqabunga lomkhiwane ngeke kusifihle isono sakho. UNkulunkulu wenza indlela, indlela elungiselelwe.

52 Ngaphambi kokuba Akhulume no-Adamu, Wayengenakukhuluma naye enqunu, futhi Wabulala into ethize, kukhona okumele kufe, futhi okuthile kwafa ukwenza isembozo ukuthi sasingabamba lenkomfa noNkulunkulu. UNkulunkulu ufanele ukuthi wakhetha umuthi othize ensimini yase-Edene,

futhi Wabiza u-Adamu no-Eva, wayesephosa lezozikhumba zezimvu ezindala ezinegazi phakathi lapho, wayesethi, "Gqoka lezi lapha." Inkomfa enje pho!

53 Futhi lapho kwenziwa inkomfa, kunezinqumo ezenziwayo. Khona-ke thina esemukela isinqumo sethu sifanele senze ngokufanele. UNkulunkulu waba nenkomfa no-Adamu no-Eva futhi wenza isinqumo, ukuthi kwakuyigazi, ukuthi kwakuyikhambi likaNkulunkulu, futhi alisoze laguquka. Akukho-bandla, akukho-sivumokholo, akukho-muntu, akukho-Ngelosi, akukho-develi, akukho okunye okungaguqula lokho. UNkulunkulu wenza indlela yaKhe ehlinzekiwe ukuba isoni sime eBukhoneni baKhe, lokho kwakungegazi elichithiwe longenacala.

54 Futhi sonke sizalelwe esonweni, sabunjwa ebubini, sifika ezweni sikhuluma amanga. Besingeke sisakwazi ukuzisindisa ngezivumokholo zethu, nokunye nokunye, kunokuba singabamba amabhande amabhuzu ethu futhi sigxume phezu kwenyanga. Silahlekile, futhi akukho namunye wethu ongasindisa omunye, akukho muntu, akukho mprofethi, akukho mpristi, kuthatha uJesu Kristu, OwayenguNkulunkulu enyameni, ukusisindisa, futhi Wenze uMhlatshelo.

55 Ngimbona emi lapho, u-Adamu nowakhe omkhulu, umzimba wobudoda owawuyisithombe impela sempilo. Ngenkathi ngiseGreece lapha esikhathini esingeside esedlule, ngibone i—isithombe somqondo othize ongaphendukile, umdwebi omkhulu owayedwebe isithombe sika-Adamu no-Eva. Kwakuyihlazo esintwini. U-Eva wayebukeka njengesilwane, esikhundleni senenekazi, izinwele ezinkulu zilenga ohlangothini olulodwa, nomlomo wakhe ubekwe eceleni, nomlenze owodwa umkhulu kunomunye, futhi o, wayebukeka esabeka. Yilokho umcabango womqondo ongaphendukile.

56 U-Eva wayengowesifazane omuhle kunabo bonke owake wahamba ebusweni bomhlaba, Wamenza. Amehlo akhe ayenjengezinkanyezi emazulwini. Futhi ngiyambona emi lapho enesikhumba esidala semvu esinegazi simzungezile. UNkulunkulu wayekhombisa lapho kulenkomfa ukuthi icebo laKhe laliyini ngensindiso yesikhathi esizayo yomhlaba wonke. Bhekisisani u-Adamu lapho ehamba, lezozikhumba zezimvu ezindala ezinegazi zishaya kweyakhe emikhulu, imilenze yobudoda, futhi encikene nezakhe lapho babesuka eBukhoneni baKhe.

57 Kwakuyisifanekiso kuphela sesithombe ukuthi singaphendula ikhamera yethu manje kokunye ukusa ezansi eJerusalema. Ngingalalela ngefasitela futhi ngizwe umsindo. Kuyini na? Ngumpristi ethi, "Deda endodeni enjalo!"

58 Sengiyamuzwa owesifazane omncane ephuma egijima phambi kwesixuku, futhi ethi, "Wenzeni, ngaphandle

kokuphulukisa abagulayo, futhi wavusa abafileyo, futhi waletha ukukhululwa kulabo ababethunjiwe na?"

Esikhulu, isandla esinonya besiyommukula emlonyeni, sithi, "Ungamlalela lowo wesifazane esikhundleni sompristi wakho na?"

59 Isiswebhu samaRoma esinonya siMshaya. Kuluhlobo lwesithombe esibi kabi, kodwa asiphakamise amakhethini futhi sibuke. Ngizwa into ethize igqugquza phansi ngesitaladi, phezu kwamatshe agandayiwe, ngilunguza ngefasitela, ngase ngibona iNdoda encane nengubo emhlophe, yelukwe yonke ingenamithungo, ebekwe emahlombe aYo, ithwele isiphambano esidala lapho sigqugquza, yehla ngesitaladi. Amahlombe aYo ahlikihla, futhi njengoba ngiqaphelile engutsheni yaYo encane kukhona amabala amancane kuyo yonke, nalawomabala, lapho Inyuka igquma, aya ngokuba makhulu ngokuba makhulu, emva kwesikhashana onke agijimela kwelilodwa. Manje okukhulu, ukuchaphazeka okunegazi emilenzeni yaKhe. Kwakuyini na? Lowo Adamu wesibili, leyoNzalo yowesifazane.

60 Inyosi yokufa ibubuza izungeze ikhanda laYo lapho Inyuka igquma, yazi ukuthi masinya udeveli waye, impela, wayenovolo udonselwe phezu kwamehlo ayo lapho.

61 Udeveli wathi, "Ubengakwenza kanjani umuntu ozisho ukuthi unguNkulunkulu, ubengakwenza kanjani . . .? Ngamphosela inselelo ukuba enze isimanga, noma elinye lamaqhinga akhe phambi kwami ukuba aphendule isinkwa sibe, noma, amadwala abe yisinkwa, wehluleka ukukwenza. Wayengama kanjani, uma engumProfethi, futhi wavumela isosha elingumRoma limboze ngendwangu ebusweni bakhe, futhi lamshaya ekhanda ngenduku, lase lithi, 'Manje, uma ungumprofethi sitshele ukuthi ubani okushayile,' futhi uhlale uthule na? Ungumkhohlisi. Ngizofika futhi ngimtinyele ngodosi lwami lokufa. Ngizomthola manje!"

62 O, wehluleka kanjani! Ngenkathi beMlengisa esiphambanweni, naleyonyosi yayibubuza ngakuYe . . . Uma inyosi, noma isinambuzane esinodosi sike sitinyele futhi sigxilise lolo dosi lujule, lapho sihamba angeke siphinde sitinyele futhi, sishiya udosi lwaso enyameni. Ukufa kungatinyela isoni futhi kuzedlulele, kodwa ngalesosikhathi kwashiya udosi lwakho enyameni ka-Emanuweli, futhi Wadonsa udonsi walukhipha.

63 Akumangalisi uPawulu oNgcwele wakwazi ukuthi iminyaka emva kwalokho ngenkathi inyosi yokufa yayibubuza ngakuye, "O kufa, luphi udosi lwakho na? Thuna kuphi ukunqoba kwakho na? Kepha makabongwe uNkulunkulu, Osinika ukunqoba ngeNkosi yethu uJesu Kristu."

64 Ukufa kwanqotshwa, inyosi ingabubuza ngapha nangapha, inyosi yokufa ingabhuza, futhi ithi, "Ngikutholile," kodwa singakhomba ngaleya ethuneni elingenalutho, futhi sithi,

"Makabongwe uNkulunkulu, osinika ukunqoba ngeNkosi yethu uJesu Kristu."

65 Ingabanga umsindo, kodwa ngeke isakutinyela wena, ayisenalo udosi. Ngenkathi igxilisa udosi lwayo enyameni ka-Emanuweli, inyama kaNkulunkulu phakathi kwethu, kwadonsa udosi ekufeni. Lowo kwakungumqondo kaNkulunkulu enkomfeni yaKhe yokuqala.

66 Umuntu ufanele aphile, hhayi yedwa; akafanele afike nombono wakhe uqobo owenziwe ngumuntu, Wawulahla; wayengeke eze nesivumokholo esenziwe ngumuntu, wayefanele eze ngendlela ehlinzekwe nguNkulunkulu. Inkomfa yaxazululwa, lokho kwakuyikho konke okwakho, kwase kuphelile. Umuntu ufanele eze ngomhlatshelo.

67 Ake sikhulume ngenye inkomfa okomzuzwana nje, kwakukhona enye inkomfa, eziningi zazo esingacabanga ngazo, kodwa nje ngizoshaya ezimbili noma ezintathu, lapha, imizuzwana embalwa. Ake sicabange nge—nge—ngeNkomfa yaseSihlahleni esiVuthayo, kwake kwabakhona iNkomfa yesiHlahla esiVuthayo. Abantu bakaNkulunkulu babekade behliselwe eGibhithe.

68 Futhi lapho siyazi ukuthi uJosefa wathengiswa kanjani, umfanekiso ophelele kaKristu, nokuthi simbonile kanjani ekhipha bonke abeZizwe abamzungezile ukuba azazise kubazalwane bakhe. Isithombe esihle kakhulu sosuku esiphila kulo, lapho iVangeli libuyela kwa-Israyeli futhi, uJesu uyozazisa Yena uqobo kumJuda kude noweZizwe.

69 Khona-ke lapho sithola ukuthi emva kweminyaka engamakhulu amane yobugqila (NabaseGibhithe bavuka lapho, futhi kwakukhona uFaro owayengamazi uJosefa, futhi ekugcineni, bafika endaweni abenziwa ukuba bayikhonze ngokuvevezela. Ukuthi abaseGibhithe babenza kanjani izigqila, futhi babashaya, futhi bababophela njengezinkomo!) UNkulunkulu wamisa umprofethi ukuba avuke. Lowomprofethi wabaleka, waganwa yintombazane enhle engumTopiya, futhi waba nendodana, uGereshomu, futhi wayenelisekile impela ukuba adle ifa lemali eningi kuyise, uJethro, noma, umkhwe wakhe, uJethro. Futhi wayegcina imihlambi yakhe kwingemuva logwadule, lapho khona manjalo ukukhala kwabantu bakaNkulunkulu kwenyukela phambi kwaKhe. Kwakufanele kube khona okwenziwayo, uNkulunkulu wakhumbula.

70 Ngijabula kakhulu ukuthi Uyakhumbula. Wasikhumbula isivumelwano saKhe, Wakhumbula i-Edene, Wakhumbula u-Abrahama, Ukhumbula lonke iZwi Ake alethembisa, yonke into Ake ayisho, UnguNkulunkulu ongenasiphelo. Wakukhumbula konke, futhi Wakhumbula ukuthi Wenza isithembiso saKhe.

71 Yinye kuphela into ukuba uNkulunkulu ayenze, lokho ngukugcina iZwi laKhe. Nokugcina iZwi laKhe Wayemisele

umprofethi, kodwa lomprofethi wayengumbaleki, phandle phakathi ehlane, wayengumhambuma, wayephumele ehlane, futhi wazinza. Kodwa lapho uNkulunkulu emisa umuntu ukuba enze okuthize, akunandaba ukuthi ugijima kangakanani . . .

72 UNkulunkulu wamisela ukuthi kuyobakhona iBandla ngezinsuku zokugcina, kungavuka odeveli, namademoni, nabazenzisi, kodwa uNkulunkulu uzoba naleloBandla, ngoba Wathi Liyoba lapho, Uzokwenza. Akukho lutho oluyo . . . "UNkulunkulu angamvusela u-Abrahama abantwana kulawamatshe."

73 Kwase kuthi-ke ngenkathi ethola lomhambuma waKhe, lomprofethi uMose, phandle lapho eneliseke kahle impela ngonkosikazi omuhle nomndeni, futhi uzoceba, leyonhliziyo yobuJuda, lokho kwakulunge ngokwenele kuye, umthwalo wawususukile kuye, ngoba wayehlulekile esayenseni yakhe yezenkolo nasekuhlakanipheni kwakhe ukukhulula abantwana bakwa-Israyeli, kodwa uNkulunkulu wayemmisile ukuthi ufanele akwenze.

74 Futhi yonke into uNkulunkulu ayimisayo izofezeka. UNkulunkulu uzoba neBandla, Uzoba nabantu, Uzoba nomuntu ozokholwa iziphiwo zaKhe, Uzoba nalabo abazokhuluma ngezilimi, labo abazohumusha, Uzoba nabaprofethi, futhi U— Uzokwenza, ngoba Wathi Uyokwenza. UNkulunkulu uzoba nokuphulukiswa nensindiso, noMoya oNgcwele uzokwehla, futhi Angamvusela u-Abrahama abantwana kulawamatshe.

75 Thina, iBaptisti, iMethodisti, amaPresbyterian, kanjalonjalo, singakwenqaba kakhulu njengoba sifuna, kodwa uNkulunkulu uzoba naleloBandla ngokuqiniseke impela nje njengoba iZwi laKhe lasho njalo, Uzokwenza. Ukhumbula lonke iZwi Alisho, ngenkathi yonyaka Lizoveza.

76 Kwakukhona uMose, enelisekile, elungele ukuhlala ezansi lapho, kodwa uNkulunkulu wacabanga, "Ngifanele ngibe nenkomfa nalowomprofethi." Ngakho Wakhetha indawo ethize. Ake sicabange ukuthi kwakungaphansi kwesinye isihlahla, phezulu esiqongweni sentaba. UNkulunkulu wenyuka, wehla evela emaZulwini futhi wokhela lesosihlahla somlilo, futhi Wabizela uMose enkomfeni. UMose ebuthakathakeni bakhe uqala ukunxusa, kodwa ngenkathi ebona inkazimulo kaNkulunkulu, wayeselungele ukuhamba.

77 Ngezinye izikhathi lapho abantu bakaNkulunkulu ebizelwa enkomfeni noNkulunkulu, lapho behlangana khona noNkulunkulu, uyazi, unakho endlini yakho lapho ingane ithola aze aphume udokotela, bese ethi, "Akukho—akukho thuba lalo ukuba liphile," umelusi wakho uthi, "Kukhona into okuthiwa ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu," o, lokho akukumisi, usulungele inkomfa, futhi ungumuntu ohlukile lapho ukhuluma noNkulunkulu.

78 Lapho unomfana ophiyazayo, noma intombazane ephiyazayo futhi ungakhuleka endaweni, uze ulethe uNkulunkulu enkundleni, lapho Eyohlangana khona nawe ezansi ekamelweni lokulala, phandle lapho eshedeni, ezansi esibuyeni, noma ngabe kukuphi, lapho unaleyonkomfa noNkulunkulu, uyaguqulwa, kukhona okwenzekile. Nabantu abanalezozinkomfa noNkulunkulu, futhi ahlangane nabo, ahlangane noNkulunkulu, baziphathisa okwesiwula ezweni emva kwalokho.

79 Bukani isithombe esiwubuwula esinje pho, sabuka kuMose. Nansi impi enkulu ezansi eGibhithe, njengeRashiya manje, yanqoba umhlaba wonke, iGibhithe lanqoba, futhi nansi indoda endala, eneminyaka engamashumi ayisishiyagalombili ubudala, ubuhwanqa buthi ngqu phansi ebhandeni layo, izinwele ezimpunga zilenga emhlane wayo, iminyaka engamashumi ayisishiyagalombili ubudala, ngokusa okulandelayo yayinomkayo ehlezi egxamalezele phezu komnyuzi nomntwanyana ekhwapheni lakhe ka*njalo*, endala, induku egwegwile esandleni sayo, yehla, idumisa uNkulunkulu ngamandla ayo onke.

Uthi, "Mose, uyaphi na?"

80 "Ngehlela eGibhithe ukuyolidla." Ubuwula obungaka! Kwakubukeka kanjani enhliziyweni engaphendukile! Ini? Wayekade ene...[Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] ... Nkulunkulu. UNkulunkulu wakuthuma ukuba ukwenze. Akunandaba ukuthi kubukeka kungubuwula kanjani, uNkulunkulu uzokwenza, noma kanjani.

81 Indlela okungayo ngowesilisa oyiPentecostal noma owesifazane, bangahle bakhulume ngezilimi, bangahle bagijime nezandla zabo ziphakeme, bangahle banqume zonke izinhlobo zokucwebezela, futhi ngisho ngesinye isikhathi bacabanga ukuthi badakiwe noma bayahlanya, kodwa babenenkomfa. Akunandaba ukuthi kwakubukeka kanjani ezweni, uNkulunkulu wakwenza, noma kanjani, ngakho akunandaba.

82 Abashongo yini ngoSuku lwePhentekoste, "Lababantu bagcwele iwayini elisha"?

UPetru wathi, "Abangaleyondlela, izinkantini azikavulwa, kodwa *lokhu* yi*lokho*."

Awu, mfowethu, bengihlale ngenza lesisitatimende: "Uma *lokhu* kungesikho *lokho*, ngifuna ukugcina *lokhu* kuze kufike *lokho*." *Lokhu* yi*lokho*.

83 Bese kuthi-ke, uma niqaphela, uMose esendleleni yakhe ebheke ezansi eGibhithe, ukuhlasela kwendoda eyodwa, kodwa wakwenza ngoba wayekade enenkomfa noNkulunkulu. Futhi uNkulunkulu wayemthumile, futhi wamkhombisa inkazimulo yaKhe, futhi akukho ngisho isizwe esasingama

endleleni yakhe. Nxa uNkulunkulu ehlangana nomuntu enkomfeni, futhi umgcwalisa ngoMoya oNgcwele, bese evuthisa umphefumulo wakhe, akukho lutho oluzoma endleleni yakhe, uyehla ukuyolidla.

84 Abantwana bakwa-Israyeli endleleni yabo bebuyela emuva, babenenye inkomfa noNkulunkulu, uMose wakwenza oLwandle oluBomvu, sizokubiza lokho ngeNkomfa yasoLwandle oluBomvu, lapho khona impela emgqeni womsebenzi kulele inkathazo.

85 Futhi lalelani maKristu, yilapho eniyokwenza khona iphutha lenu elibulalayo. Yilapho u-Israyeli enza khona iphutha lakhe elibulalayo, ngenkathi acela umthetho ukuba akhonze uNkulunkulu ngawo. Ku-Eksodusi 19, emva kokuba umusa usuhlinzeke umsindisi, uMose, umprofethi, esehlinzeke iwundlu, esesihlinzekile isivumelwano, esehlinzekile zonke lezizinto, futhi nokho babefuna into ethize ukuba bazenzele yona, babefuna isayense yezenkolo ethize.

86 Yileyo indaba namhlanje. Ukuba salishiya iPhentekoste ngendlela elaliyiyo ekuqaleni! Kodwa sadingeka sibe nokuthile esasiyophikisana ngakho, sasifanele sibe yi-Oneness, iTwoness, iThreeness, iChurch of God, noma kunjalo, o, he! Onke lamakameli okugibela anezifumbu esifumbu esisodwa, izifumbu ezimbili, izifumbu ezintathu, kanjalonjalo. Kwenza mehluko muni lokho, zingaki izifumbu ikamela elinazo, inqobo nje uma sigibele na? Kwenza mehluko muni, noma ngabe ukwiFord noma iChevrolet na? Ulokhu uhamba nje.

87 Kodwa sasidingeka sibe nehlelo, sasidingeka sibe nophumo, niyazi. Sadingeka sibe ne, isahluko sama 20 sika—sika-Eksodusi ngikholwa ukuthi lapho lapho ababenikeze khona umthetho, sasidingeka sibe nento esasingayenza ukukhombisa ukuthi sasinguDkt., Ph.D., LL.D., ophindeke kabili uL.D. *US'bani-bani*, niyabo, abenze babukeke njengalo lonke izwe.

88 Njengo-Israyeli wenza iphutha lakhe elibulalayo futhi ngenkathi enqaba uSamuweli, umprofethi, futhi wayefuna uSawulu, iNkosi. USamuweli wabadonsa, wathi, "Sengake ngayithatha yini imali yenu na? Sengake ngakhuluma noma yini kini eGameni leNkosi ngaphandle kwalokho uNkulunkulu akusekelayo na?"

89 Abakwazanga ukusho izwi, bathi, "Yebo, awuthathanga ukudla kwethu nemali yethu, nayo yonke into oyishilo iyiqiniso, kodwa sisafuna inkosi. Sifuna ukufana nezwe lonke, njengezizwe zabeZizwe." Bakutholile.

90 Yileyondlela esenza ngayo. Asikwazi ukushiya isibusiso sodwa ngendlela nje esiyiyo. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . kuwo wonke umuntu.

91 Sifanele sithi, "Manje, singaba*leli*bandla; singaba*leli*bandla," ukwenza njengabo bonke abanye.

IPhentekoste ayisiyo inhlangano, kanjalo ingeke yahlelwa, iPhentekoste yisehlakalo sokuthi, "Othandayo makeze, ukuze aphuze aManzi eNkosi." Yisehlakalo, uMoya oNgcwele uhlala kumaMethodisti, amaBaptisti, amaJuda, nakho konke, amaproselite, namaKatolika, nanoma yini okunye. Yisehlakalo esiba naso lapho sinenkomfa noNkulunkulu, sikuxoxisane naYe.

92 Ngakho bangena emgqeni womsebenzi, bakhuphukela ngqo oLwandle oluBomvu luvimba indlela yabo. Ngokwejwayelekile lapho unenkomfa noNkulunkulu, futhi uqala ukwenza okuthize, udeveli uyakuvimba. Uyokwenza ugule kakhulu ungeke ukwazi ukusukuma, uyokwenza wonke umakhelwane akhulume ngawe futhi akubize ngomgingqiki ongcwele, uyokwenza okuthize ngakho, futhi akutshele ukuthi wehlela lapho ukuba ube yifeshini endala.

93 Vumela izinwele zakho zikhule, yena, "U—uzoba yinombolo endala, inombolo yangemuva. Amantombazane owawuvame ukudlala nawo ibhuloho angeke acabange ukuthi umuhle njengoba wawuvamise ukuba njalo."

94 Kwenza mehluko muni lokho na? Ubamba inkomfa noNkulunkulu, futhi uyoyeka ukudlala ibhuloho, noma kanjani. Kunjalo. Kunjalo.

95 Kodwa thina, niyabo, si—sifuna ukufana nabo bonke abanye abantu, sifuna ukuphatha njengoJones. Siyameshana, penda izitebhisi zakho zibe bomvu, futhi ubhekisise omakhelwane bapende ezabo zibe bomvu. Uthenga iChevrolet bese uqhosha ngayo, bhekisisa umakhelwane wakho elahla iFord yakhe ngokukhulu ukushesha. Uzofanele nje enze njengoba wenza, uyabo, ufanele uziphathise okwakhe. Ufuna ukufanisa isipiliyoni.

96 Bengihlala ngithi angikhathali noma ibhulukwe lami liyameshana nebhantshi lami, uthayi wami umeshana nehembe lami, ngifuna isehlakalo sami simeshane neBhayibheli likaNkulunkulu. Yilokho iBandla ebelifanele likwenze. Abakwenza *ngaleyonkathi*, yilokho engikufunayo *manje*. Kungani uthatha isibambiso lapho izibhakabhaka zePentecostal zigcwele okwangempela na? Kungani ubungathatha into ethize ebingalungile na? Thatha okwangempela, ngoba uNkulunkulu uselungele ukuthulula okwaKhe... "Isithembiso ngesenu nesabantwana benu." Ngishumayela ngalokho kusasa ebusuku, uma iNkosi ithanda, "Kulowo othandayo makeze."

97 Futhi khona impela emgqeni womsebenzi uyoshaya isivimbelo. O, ngiqagele yonke imvelo yavele yavevezela. Ngani, bukani ukuthi yini, lapha kwakukhona uMose no-Israyeli khona impela emgqeni womsebenzi neNsika yoMlilo ibahola, futhi wabaholela phansi ngqo ogibeni.

98 UNkulunkulu uyathanda ukufaka abantu baKhe ezingibeni, abone ukuthi bazokwenzani. "Yonke indodana eza

kuNkulunkulu ifanele kuqala ivivinywe futhi ilaywe." Ubathola lapho. Ukuletha lapha, Ukufaka phakathi kwemibono, "Manje, lokho kungaba ukufunda ingqondo na? Kungaba . . . ?" Niyabo? Ukufaka ogibeni, ukubona ukuthi hlobo luni lwesinqumo ozosenza. Kunjalo. "Hlolani imiBhalo," uJesu wathi, "YiYo efakaza ngaMi." Kunjalo. Manje, uNkulunkulu ukudedela kube ngaleyondlela.

99 Manje, Wangenisa u-Israyeli ngqo ogibeni, izintaba nezingwadule macala omabili, impi kaFaro ilandela, izinkulungwane zezinqola nemikhonto. Nesigejane sezithobile, ezincane, izigqila ezimpofu ezingahlome ngalutho, zehlela oLwandle oluFile, noma uLwandle oluBomvu, njalo, ezansi ngqo ezingwini zalo, futhi nantu uthuli lwezinqola luza, futhi lapha kwakuyizintaba ngapha nangapha, akukho-ndlela, kwakubukeka sengathi uNkulunkulu wayeyiNdoda yezempi embi, washiya abantu baKhe bengenakho ukuhlehla.

100 Ngezinye izikhathi Uyakwenza lokho, Adedele udokotela ahambe, futhi athi, "Awuzukuphila, uzofa. Lowomdlavuza uzokubulala. Awusoze wasukuma uphume kulesosihlalo." Yena, ubonakala sengathi Ukushiya ungenakho ukuhlehla, kodwa Uyisiphephelo sakho, uwele emuva ezingalweni zaKhe. O Nkulunkulu!

101 UyisiPhephelo sami, UnguMbhoshongo wami onaMandla. "IGama leNkosi linguMbhoshongo onaMandla, abalungileyo babalekela kuWo, balondeke." Imibhoshongo yokuphephela. UyisiPhephelo sethu. Asikho esinye isiphephelo enginaso ngaphandle kwaKhe, angifuni ukwazi esinye isiphephelo, UyisiPhephelo sami. "UyiDwala ezweni eliyethileyo; u—uMpheme ngesikhathi sesiphepho."

102 Khumbulani okokuqala engake ngakhuluma ngezilimi, ngangishumayela eMilltown Baptist Church, futhi ngangiphandle lapho ngishumayela, futhi ngase ngiqede konke, nawo onke lawomaBaptisti ehlezi lapho engibuka, noMoya oNgcwele wafika phezu kwami, ngase ngigxuma ngaphuma maphakathi nesikhala sezihlalo ngase ngiqala ukukhuluma ngezilimi. Ngacabanga, "Awu, kwenzekani manje na?" Angikaze ngazi lutho ngakho, futhi ngenkathi ngiqala ukubuya ngezwa izindebe zami zisho lokhu: "NgiyiDwala ezweni eliyethileyo, uMbhoshongo, e, isiPhephelo esikhathini sesiphepho."

103 O, ngamangala kanjani! Futhi bonke bebukana njengamahansi egcekeni, kubukeka ka*njalo*, futhi ngazizwa ngendlela efanayo, ngoba ngangingazi, kodwa ngiyazi ukuthi kukhona okwakwenzekile kimi. O, ngathola uMbhoshongo, iNdawo yokuCasha. Angikaze ngifune lutho olunye kusukela ngaleyonkathi, kodwa leyondawana, leyoNdawo yokuCasha ebusisiwe.

104 Khona impela emgqeni womsebenzi, khona impela phansi komlilo wesitha, zazilapho-ke. Kwakubukeka sengathi yonke imvelo yayibathuthumelela. Sithini isikhathi? Iyini i—iyini inqubo yomKristu na? Yini into okufanele yenziwe kulolohlobo lwesikhathi na? Bamba inkomfa. Kunjalo. Lapho ibandla lifika endaweni ukuthi *lona* wenza *lokho*, na*lona* wenza *lokhu*, nayo yonke into ibheke phansi naphezulu, ningayeki ukuya esontweni, bambani inkomfa, nibe nomhlangano womkhuleko ndawondawo.

105 UMose wakhetha indawo, ngingathi, ake sicabange ukuthi kwakungemuva ngqo kwaleloDwala, wafika laphaya, wayesethi, "Nkosi Nkulunkulu," into enjengale, "Nkosi Nkulunkulu, Jehova oMkhulu, Ohlangane nami esihlahleni esivuthayo, lesosehlakalo asikaze singishiye, futhi ngenze konke Ongitshele ukuba ngikwenze, ngimi emgqeni womsebenzi, ngikhiphe abantu baKho lapha njengoba Washo. Ngaleya kulenga leyoNsika yoMlilo, nakho kumi impi kaFaro, nazi izintaba noLwandle oluFile. Ngifanele ngenzenjani, Nkosi na? Ngifanele ngizinikele kuFaro na? Kufanele ngenzenjani na? Ngifuna Wena."

106 Sengiyazibona iziNgelosi ziqala ukuhlala edwaleni ngalinye, macala onke. O, inkomfa enje pho! Emva kwesikhashana uMoya weNkosi . . . Sengiyayibona leyoNsika yoMlilo ihamba ngaphezulu. Kwakuyini na? Kwakukhona isinqumo esenziwa. "Uzokwenzenjani na? Uyeke, ubuyele emuva bese uzama futhi? Ubuyele emuva emahlelweni, nezwe na?" Qhabo, mnumzane. Wathi . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

107 UNkulunkulu akahlehli neze aye emuva. Akalokothi atshele abantu baKhe ukuba babuyele kulokho okwashiwo nguMoody, okwashiwo nguSankey, okwashiwo nguFinney. Hamba uye phambili! Amen.

108 Inkathazo yakho inamhlanje, isayense izothola uNkulunkulu ngaphambi kokuba senze. Bafunisisa emazingeni, futhi banemishini yokuhlola amanga, nezinto, futhi bangafakazisa ukuthi akhona amandla. Niyakubona ngolunye usuku kwi—kwi*Look* phephabhu- . . ., qhabo, kwakukwi*Reader's Digest*, ngiyakholwa, lapho abathatha khona umphulukisi, futhi ezansi phakathi, kwakungale eNgilandi, bavula amabandla kulokho ababekubiza ngomphulukisi, futhi cishe abantu abaningi ngamaphesenti angamashumi ayisishiyagalombili baphulukiswa kunomuthi owake waphulukisa eNgilandi.

109 Ngabe leyo kwakuyi*Newsweek*, Gene, noma kwakuyini na? Uyakhumbula na? *IReader's Digest*. Kulungile. Bathatha umphulukisi ukubona ukuthi kwakukhona yini okuvela kuye. Babeka isandla sakhe ngaphansi kwe x-reyi, futhi bamvumela akhuleke, babeka isiqephu sephepha lomthofu ukuthola ukuthi

ngabe kwakuyisandla sakhe yini nje, noma ngabe kwakukhona amandla . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

110 Ake sibone ukuthi uSankey wathini ngakho, ukuthi uMoody wathini, ukuthi uKnox, uCalvin, noma omunye umuntu wathini ngakho. Lokho kulungile. Babe—babengabantu bakaNkulunkulu ngalolosuku, kodwa siyaqhubeka. Isayense ingahamba kuphela *kangaka*- . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . ? . . .

111 "Uma uthi kulentaba, 'Nqukuleka,' futhi ungangabazi enhliziyweni yakho, kodwa ukholwe ukuthi okushilo kuzokwenzeka, ungaba nakho okushilo." Noma ngabe kuyini, makube njalo. Imithombo engasetshenzisiwe!

Indoda yathi esikhathini esingeside esedlule, yathi, "A—angifuni ukumkhathaza uNkulunkulu, uyazi, ngi—ngiyazi Umatasatasa kabi kabi."

Umbhedo.

"A—angifuni uku . . . "

112 Awu, awukwazi ukuqeda izibusiso zaKhe zokuphana. Ungathini nje inhlanzi encane ethi ayibe nguhhafu we-intshi ubude, phandle maphakathi noLwandlekazi iPacific ithi, "Kungcono ngiphuze lamanzi ngokuwonga, ngoba angahle angiphelele"?

113 Ungathini nje igundane elincane cishe *elikhulu kangaka* phansi kwezinqolobane ezinkulu zaseGibhithe lithi, "Kungcono ngidle, ngizihlukanisele mina ngokwami kulobubusika izinhlamvu ezimbili nje ngosuku, ngingahle ngiphelelwe ngaphambi kwesivuno esisha"?

114 Lokho kuyinhlekisa. Awu, kungokuphindwe kabili lokho okuhlekisayo, ngokuphindwe kayinkulungwane ngaphezulu, ukucabanga ukuthi ungaqeda umusa kaNkulunkulu onomusa. Ngani, Uzama ukuphoqa indlela yaKhe angene kuwe. "Celani kuvame ukuba ukuthokoza kwenu kugcwale." Ayikho indlela yokuMqeda nya.

115 Njengephampu, lapho uphampa kakhulu, amanzi abafreshi ngokwedlulele. O, ngiyakuthanda lokho! Ulokhu uphampa nje. "Uhlala empophomeni lapho iNkazimulo iphuma khona." Ngiyakuthanda lokho.

116 Manje, uMose wakhala eNkosini, neNkosi yathi, "Sukuma futhi uye phambili." Futhi ngenkathi uMose ahamba waqonda ngqo futhi wanyathela unyawo lwakhe emanzini, ngenkathi lokho kwenzeka, uLwandle oluBomvu lwavuleka lwabuyela emuva, no-Israyeli wawelela ekunqobeni okukhulu; babenenkomfa. Yileyondlela esifanele senze ngayo njalo, ngukuba nezinkomfa.

117 Manje, ngifuna ukukhuluma ngenye ngokukhulu ukushesha. Kwakukhona inkomfa, ziningi ezazo ebesingakhuluma ngazo,

kodwa masingayedluli nje lena, kwakukhona iNkomfa yaseGetsemane ngesinye isikhathi. Ngenkathi, yayifanele ilethwe emva kokuba impilo yokunqoba yase yehlule ukugula, yehlule yonke into ezweni, Wafika eGetsemane, noBaba wadingeka ahlole ukubona ukuthi Wayefuna ngempela yini ukwedlula kukho noma qha.

118 Ngenkathi Ehola abafundi baKhe, futhi bonke bozela, base belala phansi bazumeka, kodwa uJesu waqhubeka nje kancane. Ukwenza njalo lokho, hamba nje ingxenye yendlela, futhi uMbhekisise eqhubekela phambili kancane, yonke indlela, Uphambi kwenu ngaso sonke isikhathi, enza indlela. Waqhubeka nje kancane, futhi ngenkathi Ephuma lapho, waguqa phansi eceleni kwedwala.

119 Ake sicabange nje, ngiyambona uGabriyeli ehla, inkemba yaKhe enkulu imi eceleni kwaKhe, ngiyambona uMhlonyane, ngiyazibona ezinye iziNgelosi ezinkulu zikhanyisa emadwaleni nxazonke. Kwakuyini na? Itafula lenkomfa lidekwa.

120 Khona-ke uMoya oNgcwele kaNkulunkulu, njengoba sibona esithombeni saseGetsemane, lokho kuKhanya, okungukuthi uNkulunkulu ungukuKhanya, uEl, u-Elohim, Okhona ngokwamandla akhe, ngenkathi Ehlela eBukhoneni baKhe, "Uyafuna ukudlula kukho, Ndodana na?" Ini? IziNgelosi zilalele. Izoba yini imiphumela na? "Izwe lonke lilele ehlombe laKho. Uyafuna ukukhokha inani, noma ufuna ukwenzani na? Ungeza khona manje ngaphandle kokufa. Nakho kulele iKalvari phambi kwaKho, lapho bayophimisela ebusweni baKho, futhi bayoKuyisa eKalvari, zonke lezizinto, Uyofa ebuhlungwini nomqhele wameva ekhanda laKho, neGazi laKho liyophophoza. Uyavuma na?"

121 Ake sibone ukuthi yini inkomfa, ukuthi ukuwawaza kuzoba yini na? Zonke iziNgelosi zimi nxazonke, zimangala, "Kwenzekani manje na?"

122 Isinqumo senziwe. Kuyini na? "Kungabi yintando yaMi, kodwa mayenziwe eyaKho." O, iziNgelosi zasombulula izibusiso zazo, futhi ziqala ukuMkhonza ngaleyonkathi, ziMlungiselela lelohora elikhulu. Kwahlelwa inkomfa, kwenziwa isinqumo, ngijabula kakhulu ngaleso sinqumo.

123 Singakwenza kanjani esami esincane, isinqumo esincanyana, ukuthi ngabe ngizoMkhonza noma qha...? Mngane oyisoni, besiyoba kanjani esakho—besiyoba kanjani esakho isinqumo kulobubusuku, uNkulunkulu, engqongqotha enhliziyweni yakho ngenkathi isinqumo esinjalo senzelwe wena na? Ithini impendulo yakho ekuphishekeleni kwaKhe na? "Zanini kiMi, nonke nina enikhatheleyo nenisindwayo, Ngizoniphumuza." Ingaba yini impendulo yakho kulesosinqumo na? Ingaba yini impendulo yakho na? UNkulunkulu ubambe inkomfa nani khona manje.

124 Kuthiwani ngawe, owesilisa ogulayo, noma owesifazane na? UNkulunkulu ubambe inkomfa nani. "NizoNgemukela na? Nizolikholwa iZwi laMi na? NiNgibona emandleni nasemnyakazweni, niyaNgizwa ngikhuluma ngalezizindebe ezifayo zabesilisa nabesifazane, abanikele izimpilo zabo kiMi, futhi Ngethembisa lapho ngenyukela Phezulu, Ngiyopha abantu izipho." Wakwethembisa. "Uyalibona iZwi laMi ligcwalisekile, uma Ngigcina lokho, Ngigcina lonke iZwi laMi."

125 Inkomfa iyabanjwa khona manje, Uyibambe nawe. Ufanele wenze isinqumo, uNkulunkulu ulindele impendulo yakho. "NgizoKukhonza, Nkosi. Ngifuna uMoya oNgcwele." Noma, "AngiWufuni, ngeke ngibe naWo, uWususe." "Ngiyakholwa ukuthi Ungiphulukisile, Nkosi."

126 UNkulunkulu ulindele ukuzwa ukuthi isinqumo sakho siyini. Nguwe ofanele usenze, Usevele usenzile esaKhe, Ufakazisile ukuthi Wenze esaKhe. Manje ufanele wenze esakho, ngifanele ngenze esami, lelibandla lizofanele lenze esakhe, sonke sifanele senze isinqumo sethu. Uzokwenzani ngakho na?

127 IGetsemane, kwase kuba ngukufa kwaKhe, ukumbelwa, ukuvuka. Kwakukhona enye inkomfa eyabanjwa, asingene kuyo ngokushesha nje kulezizinkomfa. Sizovala emzuzwaneni. Kwakukhona inkomfa yePhentekoste eyabanjwa kanye. Abantu ababehambe noJesu, futhi baMuzwa ekhuluma ngezibusiso, futhi, o, wethembisa ukuthi ukufika kwamandla, uNkulunkulu wabatshela ngaphambi kokuba Asuke emhlabeni, Wathi, "Yekani ukushumayela, ningabe nisacula amaculo, asingenzi lutho olunye manje, Ngifuna nenyukele ngaleya emzini waseJerusalema, futhi Ngifuna nilinde lapho, ngoba sizoba nenkomfa eNkazimulweni. UBaba, naMi, nazo zonke iziNgelosi sizoba nenkomfa, futhi sizokwenza isinqumo. Lindani phezulu lapho, Sizonitshela ukuthi iBandla lizophathwa kanjani."

128 Ngiyabezwa abaphostoli bethi, "Awu, mhlawumbe sizoba nababhishobhi nabapristi abakhulu, futhi sizoba nazo zonke lezizinto, niyazi. Ngakho, sizovele nje sikhuphuke futhi silinde futhi sibone ukuthi isinqumo siyini. Sizobona ukuthi ngabe sifanele yini ukuba nezinhlangano, noma ngabe umbhishobhi uzoyiphatha yini, noma uphapha uzoyiphatha, noma ngabe umuntu othize omkhulu uzoyiphatha, sizobona ukuthi Ukhetha bani. Angazi noma ngizoba omkhulu yini."

"Angazi noma ngizoba omkhulu yini."

Omunye wathi, "Ngizoba phezu kwakho konke."

"Awu, Wangibusisa. Wancika ehlombe lami. Wenza *lokhu*."

129 O, he! Kwabathatha izinsuku eziyishumi ukukulungela, ngenkathi besalinde lokhu, khona-ke bonke baba nhliziyonye. Yileyondlela esenza ngayo kulobubusuku. Yilokho esifanele sikwenze kulenkomfa. Nonke nina maMethodisti, maBaptisti, iPresbyterian, iLuthela, amaKatolika, futhi noma ngabe uyini,

sifanele sonke sibe-kuzwana kunye, silindele ukuzwa ukubuya. Futhi emva kwe . . .

130 Indawo enhle kakhulu okwakungaxazululwa kuyo kwakuseNkazimulweni. UNkulunkulu wehla, nenkomfa yabanjwa, ukuthi iBandla lifanele liphathwe kanjani. Ngabe kufanele liphathwe ababhishobhi, yizinhlangano, ngamathuluzi athize emishini na? Lifanele liphathwe kanjani na? Futhi babeyikhulu namashumi amabili bonke ekamelweni eliphezulu belindile.

131 Kulungile, izimpendulo zafika: "Futhi kungazelelwe nakhu kufika umpristi enyuka ngomgwaqo, ukhololo wakhe uphendukezelwe ngemuva, 'Khipha ulimi lwakho bese wemukela isidlo esingcwele iyukharisti.'"

Lokho kuzwakala kungubuwula.

"O, qhabo, lokho akulungile. Umbhishobhi uyehla, wayesethi, 'Manje awume kancane, ngeke sazimela lezizinto."

Qhabo, qhabo.

132 "Kodwa kungazelelwe kwavela eZulwini inhlokomo kwangathi eyokuvunguza komoya onamandla." Hhayi umelusi othi, "Nginike isandla sokunene senhlanganyelo, sizokuzama izinyanga eziyisithupha." Qhabo, mnumzane. "Nakho kwavela umsindo," hhayi ekholiji, kodwa, "uvela eZulwini njengokuvunguza komoya onamandla, futhi wagcwalisa indlu yonke ababehlezi kuyo." NaleyoNsika yoMlilo enkulu eyahola abantwana bakwa-Israyeli, u-Israyeli wasendulo, ngo-Israyeli Yazehlukanisa neziLimi zoMlilo zahlala phezu kwalowo nalowo wabo, uNkulunkulu ezahlukanisa Yena uqobo eBandleni, *omunye* abe ngumprofethi, *omunye* abe ngumphostoli, *omunye* akhulume ngezilimi, *omunye* ukuba enze enye into, uNkulunkulu ezehlukanisa Yena uqobo.

133 UNkulunkulu oyedwa wasebenza ezikhundleni ezintathu, uNkulunkulu oyedwa obizwa ngobuBaba; uNkulunkulu ofanayo wayehlala kuMuntu othiwa uJesu, obizwa ngeNdodana; manje UseBandleni laKhe, obizwa ngoMoya oNgcwele, wazehlukanisa Yena uqobo eMzimbeni waKhe womhlaba wonke. Haleluya! UMzimba ofiphele kaJesu Kristu ozelwe nguMoya kaNkulunkulu!

134 Ngakho-ke njengoba kwashiwo ngu, ngumfowethu ongurabi, kulokhu ukusa, othandekayo wethu, mayelana nobunye ndawonye, asahlukene. Udeveli uzama ukusehlukanisa ngamathuluzi akhe omshini, ngokuthi, "Ngingowe-Assemblies. Ngingowe-Oneness. Ngingowa*lokhu*. Ngingowa*lokho*." Kodwa asehlukene. UNkulunkulu ubanika uMoya oNgcwele oMlalelayo, futhi izinhlangothi zombili zemukele uMoya oNgcwele. Ubani owaMlalela na? "Asehlukene, sonke singuMzimba munye." Leyo yinhloso yethu yenkomfa. Asehlukene, singuMzimba munye.

135 UMoya oNgcwele, uNkulunkulu ezahlukanisa Yena uqobo, enza amadodana namadodakazi, ehlezi phezu kwabo, leyoNsika yoMlilo yazahlukanisa Yona uqobo, "NeNkotha yoMlilo yahlala phezu kwalowo nalowo wabo. Base begcwala bonke uMoya oNgcwele, futhi baqala ukukhuluma ngezinye izilimi, njengoba uMoya kaNkulunkulu ubanika ukuphumisela."

136 Kwakukhona ababhishobhi abahlala eJerusalema, ababhishobhi abakhulu, ophapha, kanjalonjalo, amadoda amakhulu, zonke izizwe phansi kweZulu, futhi lapho isigungu sihlangana ndawonye, futhi sathi, "Ngani, lamadoda onke agcwele iwayini elisha."

137 UPetru wasukuma phakathi kwabo, wayesethi, "Laba kabadakiwe, njengoba nicabanga ukuthi banjalo, lokhu kuseyihora lesithathu lemini. Kodwa lokhu kuyikho okwakhulunywa ngomprofethi uJoweli," uJoweli 2:28, "'Kuyakuthi ngezinsuku zokugcina, kusho,'" izinsuku zokugcina ubuningi, izinsuku ezimbili, iminyaka eyizinkulungwane ezimbili edlule, "'kusho uNkulunkulu, "Ngiyakuthulula uMoya waMi phezu kwayo yonke inyama,"'" iJuda, oweZizwe, umGreki, oyisigqila noma okhululekile, owesilisa noma owesifazane, "'"Ngiyakuthulula uMoya waMi phezu kwayo yonke inyama, futhi bayakuprofetha, amadodana aMi namadodakazi. Ngiyoveza izibonakaliso emazulwini phezulu nasemhlabeni phansi, iziNsika zoMlilo nezintuthu zentuthu."'"

138 Wathi, "Ake ngikhulume ngokukhululekile kini ngokhokho uDavide, ngokuba uDavide wathi, 'INKOSI yathi eNkosini yami, "Hlala ngakwesokunene sami, ngiyokwenza izitha, isenabelo sezinyawo." Ngaphezu kwalokho, inyama yami iyohlala ngethemba ngoba Awuyikushiya umphefumulo wami esihogweni; futhi Akayikuvuma ukuba ONgcwele waKhe abone ukubola.'

139 "Ake ngikhulume kini ngokhokho uDavide, ngokuba ufile futhi wembelwa, nethuna lakhe lisekhona kithi namuhla. UDavide ufile futhi wembelwa," futhi wabatshela ngalokho ababekwenzile. Kodwa wathi, "LoJesu ofanayo, enaMbethela ngezandla ezimbi, uNkulunkulu uMenzile kokubili iNkosi noKristu." Amen.

140 Ngiyaxolisa. Bengingaqondile ukuhambahamba, mhlawumbe Into ethize ibingenza ngihambe. Noma kunjalo, ngagqoka izicathulo zami zokuhamba. O, he! Ngifuna ukuthatha uhambo ngolunye usuku njengo-Enoke futhi ngihambe ngiqhubeke ngikhuphuke.

141 Ngimi ebandleni likaMfowethu Outlaw esikhathini esingeside esedlule ePhoenix, e-Arizona, babecula iculo, "Siya phezulu, phezulu; phezulu, phezulu, phezulu." Emva kwesikhashana ngacabanga ukuthi sengihambile. Wathi, "Umjikelezo wokuqala," ekhwela iladi, wathi, "Umzuliswano

wokuqala wawungukulungisiswa; umzuliswano wesibili, ukungcweliswa; umzuliswano wesithathu, ukukhazimuliswa; khona-ke uMoya oNgcwele wehla. Ngaqala ukuya phezulu, phezulu; phezulu, phezulu, phezulu; phezulu, phezulu, phezulu; phezulu, phezulu, phezulu ngaze ngashaya leyo Milky White Way."

142 Ngacabanga, "Uma sikhuphukela phezulu, sizosuka ngqo kulelibandla!" Yilokho esikudingayo namhlanje ngukushaya leyo Milky White Way eya eKalvari, sivuke emandleni kaMoya oNgcwele, sibeke eceleni izivumokholo zethu nemehluko, siqale phezulu, phezulu; phezulu, phezulu, phezulu. Yilokho esifanele sikwenze, senyuka.

143 Leyo kwakuyinkomfa yamaPentecostal. Baqala ukushumayela ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu, amandla kaMoya oNgcwele. UPetru wabatshela ukuthi abenzeni ngoSuku lwePhentekoste, wathi, "Phendukani, yilowo nalowo."

Bathi, "Singenzenjani ukuba semukele lokhu na? Singasindiswa kanjani na?"

144 UPetru wathi, "Phendukani nibhaphathizwe, yilowo nalowo, eGameni likaJesu Kristu, kukho ukuthethelelwa kwezono zenu, khona niyakwamukeliswa isiphiwo sikaMoya oNgcwele, ngokuba isithembiso ngesalesisizukulwane, futhi yilokho kuphela, izinsuku zezimangaliso ziyakukhawuka." Lokho kungahle kube kwendala i*Ladies Birthday Almanac*, kodwa lelo akusilo iBhayibheli likaNkulunkulu ngokweZenzo 2. Kunjalo.

145 Wathi, "Isithembiso ngesenu, nesabantwana benu, nakulabo abakude, bonke iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza." Leso yisinqumo sikaNkulunkulu, leyo yinkomfa yaKhe.

Ngenkathi bethi, "Sizokwenzenjani na?"

146 O, ubuchopho beBandla namandla kaNkulunkulu kwahlangana ndawonye. Amandla kaNkulunkulu athi, "Lesisithembiso ngesenu, nesabantwana benu, kubo abakude, bonke iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza." Futhi inqobo nje uma Esabiza, isinqumo saKhe senkomfa sisahlangabezana nazo zonke izidingakalo, Uyothulula uMoya waKhe. Inqobo nje uma uNkulunkulu esabizela izoni ekuphendukeni, UnoMoya oNgcwele ukuthululela kubo.

147 "Isithembiso ngesenu, nesabantwana benu. Bhekani, Mina nginani njalo, kuze kube sekupheleni kwezwe. Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo." O, he! "Imisebenzi engiyenzayo Mina, nani niyakuyenza. Kuseyisikhashana izwe lingabe lisaNgibona, nokho niyoNgibona nina," bukani lezozinkomfa, "Ngiyoba nani, ngibe kini kuze kube sekupheleni kwezwe." Inkomfa enje pho!

148 Base-ke bephuma, uPetru noJohane, bengazi futhi bengafundile. Ngingafakazisa ukuthi babeyiPentecostal, babenesibusiso sePentecostal, enye indlela, babengenamali. Baya esangweni elithiwa eLihle, futhi lapho kwakulele indoda, ikhubazekile kusukela esizalweni sikanina, futhi bathi . . . yelula inkomishi yayo encane yenzela isipho. Yabuka ngaleya ukubona ukuthi ngabe lona, laba bafo babebukeka njengomnumzane ohloniphekile, bangahle bayinike okuthize.

149 Manje, nakhu okufakazela ukuthi babeyiPentecostal, wathi, "Isiliva negolide anginalo, kodwa enginakho!"

150 O, mfowethu, thatha isiliva lakho negolide unginike *lokho*; thatha yonke isayense yakho yezenkolo bese unginika *lokho*; thatha yonke imfundo yakho nazo zonke izinto zakho eziphakeme bese unginika *lokho*, ngokuba yi*lokho* kuphela okuzokuyisa phezulu, phezulu; phezulu, phezulu, phezulu.

151 Yiba nenkomfa, uNkulunkulu wathi ungaba nayo, "Noma ubani ozomvumela eze." Eya phezulu.

152 "Enginakho, ngikupha khona," ukukholwa. "EGameni likaJesu Kristu, sukuma uhambe."

153 Akamangalanga ngakho, welula isandla wayesemqukula futhi wambamba lapho amaqakala akhe aze aqala ukuqina kancane, athi ukuqina kancane. Lapha waqala ukuhamba, wase eqala ukugijima, wase eqala ukugxuma. WayeyiPhentekoste, naye, ngaleyonkathi, yebo, wayengogxumayo ongcwele. Futhi wehla wadabula lapho nje egxuma, futhi egxuma-gxuma, futhi edumisa uNkulunkulu. Uma leyo kungesiyo iPhentekoste, angikaze ngiyibone.

154 Ngingafakazisa kini ukuthi u-Israyeli wayeyiPentecost. Ngenkathi benqoba futhi babona abacindezeli, njengoba ninqoba, niwubonile ugologo, osikilidi, nazo zonke ezinye izinto zilele emva kwakho, zifile olwandle olubomvu lweGazi likaJesu, niyazi ukuthi kwenzekani na? UMose wacula eseMoyeni, uMiriyamu wabetha ithamborini, nawo onke amadodakazi akwa-Israyeli ebetha amathamborini, wagijima wehla wenyuka ezingwini esina eMoyeni. Uma lowo kungesiwo umhlangano wePentecostal, angazi ukuthi uyini.

155 Omunye umuntu wathi kimi esikhathini esingeside esedlule, wathi, "Mfowethu Branham, ushumayela lolu hlobo *olusha* lwensindiso, awunjalo na?"

Ngathi, "Qhabo, mnumzane."

Wathi, "Awunayo yini enye yalensindiso entsha na?"

Ngathi, "Qhabo, nginodaba *olusha* lwensindiso *endala*." Kunjalo. Ngathi, "Lolu ngoludala kunalo lonke olukhona."

Wathi, "Lwahlelwa nini na?"

Ngathi, "Ngaphambi kokuba izwe lize lisekelwe."

Wathi, "Ufika kanjani lapho na?"

156 Ngathi, "UJobe 7:27 wathi, 'Wawukuphi ngenkathi ngibeka isisekelo sezwe, lapho izinkanyezi zokusa zahlabelela kanyekanye, namadodana kaNkulunkulu ahlabelela ngokujabula na?'"

157 Awu, lena endala, ethinta inhliziyo, isibhakabhaka esiluhlaza, inkolo ebulala isono, imemeza, ngani, he, indala kuneBhayibheli, indala kunamagquma, indala—indala kunomhlaba. Ayiyintsha, yinto ethize endala, nje iludaba olusha lwayo. Ungatholi ukunokolotwa *ususwe* kuyo, woza *ku*yo.

158 Ngakho manje-ke, babefana nje ne, ngokwejwayelekile, unamaphepha onke aqala ukugxeka noma ngabe kwakuyini, futhi ba—babadonsela phambi koMkhandlu weSanhedrin, futhi babenenkomfa, izwe laba nenkomfa, njengeGeneva, kanjalonjalo, bathi, "Sizokwenzenjani ngalamadoda na?"

159 Bathi, "Bangaphuma futhi bashumayele, kodwa ungahambi usho lelogama elithi Jesu. Ungabe usashumayela ngalelogama." Babashaya futhi babasongela, bathi, "Uma singake sikuzwe ubalula uJesu futhi, sizokwenza into ethize embi kabi kini."

160 UPetru noJohane baphuma ejele ngalokho kusa, baphuma enkomfeni, futhi bawela, futhi bathi, "Uyazi ukuthini? Ngikholwa ukuthi kungcono sibize inkomfa."

161 Ngakho babezobiza enye inkomfa, manje, asiyibize ngeNkomfa yeZenzo 4. EZenzweni 4 bonke bahlangana ndawonye, futhi babexoxa izehlakalo ezehlukene, futhi babiza inkomfa, futhi baguqa ngamadolo, futhi babiza inkomfa. Babefuna ukubiza uNkulunkulu ukuba babuze ukuthi yini ababengayenza. Ngabe bafanele bahlehle, noma bafanele, noma, bafanele benzeni na? Bafanele bashumayele ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu na? Ngabe bafanele baxegise na? Bafanele benzeni na?

162 Futhi baqala ukukhuleka kanje, bonke nganhliziyonye, omunye umhlangano wePentecostal. Bonke nganhliziyonye, sengiyabona lowo kwakungumsindo. Anicabangi kanjalo na? Wonke umuntu ethi, "Kungani abahedeni bexokozela na? Kungani abantu becabanga okuyize na? Qiniso, belula uMntwana waKho oNgcwele, uJesu, isandla saKhe ukuphulukisa abagulayo." Futhi ngenkathi leyonkomfa iqala ukubanjwa, futhi baqala ukumemeza kuNkulunkulu, ukubuya kwafika.

"Bafana, mhlawumbe kungcono niqaphele, ningahle ningene ejele. Kungcono nithi ukukuthatha kalula."

Niyezwa ukuthi uMoya utheni kulesosithunywa senkolo esikhashaneni esedlule na? "Akukho ukukuthatha kalula."

Ngifanele ngithwalwe ngiye eKhaya eZulwini

Embhedeni onezimbali wokukhululeka,
Kanti abanye balwa ukuba bazuze umklomelo,
Nokuntweza olwandle olugcwele igazi na?

163 Yini esiyilindele na? Ukuthwalwa siye ekhaya ngobhasikidi wezimbali na? Mangilwe, mangikhombise izibazi.

164 Njengoba bengifunda indatshana, noma, encane, incwadi yezimbongi, eyathi uKesari wayezocela, futhi wayezogibela inqola enkulu, futhi wayefuna amanye amasosha akhe, isosha elihloniphekile ukuba ligibele naye behle badabule ezitaladini zalelijubili elikhulu. Futhi onke amaqhawe alungisa izimpaphe zawo, futhi apholisha izihlangu zawo nezigqoko zawo zokuzivikela, elungela ukwedlula ngakuKesari, futhi, ukubuka ukubona ukuthi ubani ayezomkhetha ukugibela naye kulombukiso omkhulu, futhi wathi onke amaqhawe akhe ehamba ngokuphelele, ngokuqondile, adlula, futhi ama nokubingelela kwawo.

165 Futhi wathi ngaso sonke isikhathi uKesari wabuka ngalinye lapho lidlula. Wathi emva kwesikhashana isosha elidadlana, likhubazekile ezingalweni zalo, linezibazi ebusweni balo bonke, nakho konke, ledlula, futhi wazizwa enamahloni ngaye uqobo, futhi wathi ukukhothamisa ikhanda lakhe, futhi waqala ukuqhela, uKesari wathi, "Awume kancane. Awume kancane lapho! Buyela emuva lapha."

Isosha elincane lenyuka lase liwa ngamadolo alo, lase lithi, "Yebo, Mbusi omkhulu na?"

Wathi, "Wasitholaphi isibazi na? Yini wena wonke onezibazi ngayo na?"

Wathi, "Ngazithola enkundleni yempi, ngilwela uMbusi wami."

Wathi, "Hlala phezulu lapha eduze kwami, uzuze ukugibela."

166 Angikhathali noma ngabe ngiyiD.D., Ph.D., noma uL. ophindwe kabili no D. Ngifuna ezinye izibazi ukukhombisa ukuthi kade ngisempini. Yilokho amaKristu abefanele akwenze, ungakhethi izinto ezinezimbali, ezilula.

Ngizothatha indlela nabayingcosana abadelelekile beNkosi,
Ngiqale ukungena noJesu, O Nkosi, ngidlulise.

167 Cishe iminyaka engamashumi amathathu ensimini manje, sengihambe kakhulu ukuba ngibuyele emuva, ngifuna ukuqhubeka. Noma ngabe ukuphela kuyini, lokho kulele ezandleni zikaNkulunkulu.

168 Babenenkomfa, futhi lapho sebeqedile ukukhuleka, iBhayibheli lathi isakhiwo empeleni sazamazama lapho ababebuthene khona ndawonye, futhi bashumayela iZwi likaNkulunkulu ngesibindi.

169 Manje enye futhi inkomfa, sizovala. Leyo yinkomfa... Ungahle ukuba awuzange uyithamele iNkomfa yaseGeneva, ungahle ukuba awuzange uyithamele noma iyiphi yalenkomfa esikhulume ngayo, kodwa nansi eyodwa ozoyethamela, lokho ngukwaHlulelwa. Uzokwethamela iNkomfa yokwaHlulela, uzofanele uyethamele leyo. Noma ngabe sewulungele, noma ngabe awulungele, leyo yinkomfa sonke esiza kuyo, ngoba iBhayibheli lathi, "Kwamiselwa umuntu ukuba afe, emva kwalokho, ukwaHlulelwa."

170 Futhi sonke siza lapho, ngakho kungcono uthole umusa ngaphambi kokuba uqale, ukuze kube njalo, ngoba ngaloloSuku kuzobe sekuleyithi kakhulu, ungeke wathola umusa-ke. Kuzoba yi—yinkomfa yokwahlulela, futhi wonke umphefumulo uzoba lapho ukuba uphendule ngezenzo ozenzile kulokhu ukuphila. Futhi uzoba lapho impela nje njengoba uNkulunkulu aloba iBhayibheli, njengoba uNkulunkulu enza amaZulu nomhlaba.

171 Bangane, impela njengoba sikulendlu kulobubusuku, futhi ngokuqinisekile kakhulu, uzokwethamela leyonkomfa. Futhi uzocela umusa, kodwa awuyikwamukela umusa, lolu wusuku owemukela ngalo umusa. Kodwa isikhathi siyofika khona-ke enkomfeni uyokwahlulelwa, hhayi ngesihawu, kodwa nguNkulunkulu othukuthele, entukuthelweni yaKhe. "Futhi uma umuntu olungileyo esindiswa kalukhuni, uyovelaphi oyisoni nongamesabi uNkulunkulu na?"

172 Ake nginikhombise ukuthi sisondele kangakanani kuleyoNkomfa yokwaHlulela. Niqaphelile na? Kwenye inkomfa, ngifuna ukukhuluma ngomzuzwana nje, ngikuthinte kafushane nje, babenenkomfa lapha ngolunye usuku, angazi noma niyakwazi noma qha. Yini i...Abanye abantu, thina—thina—thina esixhumene noNkulunkulu, ngicabanga ukuthi sifanele sikhanyisele abantu bakithi kulokho okwenzekayo.

173 Niyayikhumbula leyonkomfa ababenayo ngolunye usuku lapho uKhrushchev ahluthula isicathulo sakhe futhi wasishaya e...? Nikubambile lokho, ukuthi lokho bekuyini na? Niyabo? Khumbulani, kwakukhona ezinhlanu zasempumalanga, izizwe zobukhomanisi zimelwe lapho, nezinhlanu zasentshonalanga, izizwe ezikhululekile zimelwe lapho.

174 Qaphelani, uDaniyeli waba nombono, ikhanda legolide kwakuyiBabiloni, bhekisisani ukuthi lokho kwehla kanjani, bhekisisani, thatha umlando eBhayibhelini. Futhi okulandelayo kwakuyi—yisifuba *lapha* sesiliva, amaMede-o-Peresiya, okulandelayo kwakuyithusi. Ngaso sonke isikhathi kwakuya ngokuba nzima ngokuba nzima, futhi kwakhombisa ukuthi umfanekiso wabeZizwe wawungeke ume ngoba igolide lisinda kunakho konke okwakho, futhi lalisinda kakhulu, alikwazanga ukuma. Futhi isikhathi ngasinye kusukela... Igolide lalithambile kunakho konke, bese kuba yisiliva

ngokulandelayo, bese kuba yithusi ngokulandelayo, bese-ke kuba yinsimbi ngokulandelayo. Ngamunye waleyomibuso ulandelanile, ngayo impela nje indlela iBhayibheli elathi bayokwenza ngayo.

175 Futhi qaphelani, wathi khona-ke esikhathini sokuphela, ngaphambi kokuba itshe liqheshulwe entabeni, umfanekiso wawunezinzwane eziyishumi. Manje, lokho kungaba ezinhlanu onyaweni ngalunye, izinzwane ezimbili ezinkulu, ezine, nezinhlanu zimi ndawonye. Njengalokho wena wabona ukuthi kwaxutshaniswa nensimbi nobumba, manje khumbulani, lowo kwakungumbuso wabeZizwe, noma ubani uyakwazi lokho, ukuthi kwakuyinsimbi nobumba, kwakungeke kuxubane, kakhulu njengoba insimbi nobumba kungeke kuxubane, kanjalo lokhu ngeke kuxubane, noma kuhlangane ndawonye, akukwazi ukuhambisana.

176 Manje, niqaphelile na? Benazi yini ukuthi igama elithi *Khrushchev* lisho ukuthini eRashiya na? "Ukungcola noma ubumba." Wayengu, wahola *leyo*mibuso. Niyazi ukuthi u-*Eisenhower* usho ukuthini, inhloko ya*lokhu* na? "Insimbi." Insimbi nobumba, futhi kwakungenakuhlangana ndawonye. Wathatha isicathulo sakhe wasishaya e. . . Akukho kuxubana ndawonye, angeke kuxubane, angeke kuhlangane.

177 Niyabona abangane na? Into elandelayo esele yitshe ukuba lisikwe, ukuFika kweNkosi, ukugingqikela kulomfanekiso futhi uwuhlakaze ube yizicucu, futhi yonke lemibuso iyowiswa phansi, futhi upheshulwe njengamakhoba esibuyeni sasehlobo. Sisesikhathini sokuphela, mfowethu, dadewethu. Aniboni ukuthi sikuphi na?

178 Lalelani, ISHO KANJE INKOSI: Phendukani. Ngibikezela amakhethini amathathu, eGameni leNkosi, kukhona elibizwa ngekhethini lensimbi, elizoba yiRashiya; bhekisisani iShayina ebomvu, lelo kuzoba yikhethini loqalo; ayesabeka, kodwa bhekisisani lelokhethini elibukhwebezane eliphakama e-United States nasemhlabeni wonke, uMbuso wamaRoma, ononya kunayo yonke.

179 Khumbulani, eGameni leNkosi: Sukani kukho! Suka kunoma yini enamathele kukho, balekela eDwaleni, ngokuba ukuFika kweNkosi sekuseduze. Sidinga inkomfa. Ngidinga inkomfa ukuxoxa ngalezizinto noNkulunkulu. IBandla lisekupheleni kwendlela yaLo.

Asikhuleke.

180 Nkosi, O Nkulunkulu, siyazi ukuthi ukufika sekuseduze. Lena bekuyindawo efudumele enhliziyweni yami, eShreveport, Nkosi. Ngi—ngiyaKubonga nje ngalomnyango omncane ovuliweyo, namanje; okwesizwe, kusesekhona inhlanhla esinayo yokuvula leminyango, akukho masosha angenayo ukuzosibopha,

futhi asikhiphe lapha futhi asififihlize emgwaqeni, kodwa ngeke kube yisikhathi eside, Baba, sibona zonke lezizinto zenzeka.

181 O, asilungiselele manje, Baba. Asithole amaFutha ngenkathi esekhona amanye ukuba athengiswe, hhayi ukuthengiswa, kodwa nje ukwemukela. Ngikhulekela ukuthi Uzobusisa abantu baKho kulobubusuku, busisa lo omncane, umlayezo ophukile, futhi unike udumo kubantu baKho. Ngicela lokhu, eGameni likaJesu. Amen.

182 Ake sibone, angazi ngamakhadi omkhuleko. Angi . . . Uphi uBilly Paul na? Awekho amakhadi omkhuleko. Awu, uyakholwa, empeleni na? U—uyakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho na? Bengifuna ukushumayela lokhu, kulobubusuku. Mhlawumbe uzonikeza amakhadi omkhuleko kusasa ebusuku. Bakuqamba igama, kodwa ngiyanitshela ukuthi kwenziwe yini, ngange—ngangephukile kakhulu.

183 Bangaki owaziyo ukuthi imibono icishe impela ikubulale. UJesu, owesifazane oyedwa wathinta ingubo yaKhe, amandla aphuma kuYe. Niyakwazi lokho na? Nangu uNkk. Schrader omncane lapha, bengikhuluma naye namhlanje phakathi lapho. Uyamangala ukuthi kungani elele kanjalo na? Unesiphiwo sokuprofetha, yilokho okukwenzayo.

184 UDaniyeli wabona umbono, wakhathazeka ekhanda lakhe izinsuku eziningi. Abantu abaqondi ukuthi lokho kuyini. Niyabo? Wena . . . Kodwa uNkulunkulu usekhona lapha. UNkulunkulu wazi konke ngakho. Awudingi uku—awudingekile ukuba ukhuphukele lapha nekhadi lomkhuleko. Ngizwa uMoya oNgcwele khona manje, ngizwa izibusiso zaKhe nenkazimulo yaKhe.

185 Bangaki khona lapho ohluphekayo nabadingayo na? Phakamisani izandla zenu. Uyazi ukuthi angikwazi. Angazi noma nginganithola nonke nje, noma qha. Khulekani.

186 Lalelani, ukunazisa njengoba sikhuluma namhlanje, niyakhumbula na? Empeleni kunezinhlanga ezintathu zabantu emhlabeni. Siyakwazi lokho, akunjalo na? Abantu bakaHamu, uShemu, noJafete. Kunjalo impela. UmJuda, oweZizwe, nomSamariya.

187 Niyamkhumbula uPetru ngoSuku lwePhentekoste na? Wayenezihluthulelo. Niyakukholwa lokho na? UJesu washo njalo. Futhi wavula uMbuso kumaJuda ePhentekoste, noFiliphu wehlela eSamariya, wababhaphathiza bonke, kodwa nokho uMoya oNgcwele awehlelanga kubo. Kungani na? Babengesinye isizwe. Ngakho-ke bathumela phezulu kuPetru noJohane, abehla futhi babeka izandla phezu kwabo, futhi bemukela uMoya oNgcwele.

188 Endlini kaKorneliyu, waphoqwa yiNgelosi ukuba athumele kuPetru. Emva kwalokho, uMoya oNgcwele wavulelwa

zonke izinhlanga zabantu ngaleyonkathi, iJuda, oweZizwe, nomSamariya.

189 Khumbulani, ngenkathi uJesu elapha emhlabeni Wakhombisa isibonakaliso saKhe sobuMesiya kumJuda, basiqonda. Sibe nalokho izolo ebusuku. Niyakukhumbula lokho na? Wasikhombisa umSamariya, basiqonda. Kodwa akakaze nakanye Akwenze phambi koweZizwe. Kungani na? Wayeneminyaka eyizinkulungwane ezimbili yeVangeli. Manje isikhathi senu sesifikile, njengoba amaJuda aba nezinkulungwane zeminyaka, babefanele bakubone, a—amaSamariya, nokunye—nokunye nokunye, babefanele bakubone.

190 Babengabhekile . . . Babebheke uMesiya, awu, thina beZizwe sasingenjalo, sasingamaRoma nabahedeni nesagila emhlane wethu, sikhonza isithombe, sasingabheke Mesiya. UMesiya ufika kulabo abaMbhekile. WaZikhomba enguMesiya. Futhi namhlanje abeZizwe bazisho ukuthi bayaMfuna, kodwa bayehluleka ukuMbona. Manje uma . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

191 . . . waZimemezela ukuthi unguMesiya ngezinto Azenzile, futhi i, lonke ikholwa eBhayibhelini elakubonayo, elalimiselwe ukuPhila okuPhakade, lakukholwa. Futhi uma Enguye izolo, namuhla, naphakade, uNkulunkulu ongenasiphelo, futhi uyodedela iBandla labeZizwe lingene eMbusweni ezisekelweni zabo zesayense yezenkolo, Ubeyoba ngongalungile. Impela Ubeyokwenza, ngoba Wavumela lezozizwe ziMbone. Kodwa Wethembisa ngalolu izinsuku zokugcina Uyobonakala, futhi.

"Kuphi, Mfowethu Branham na?"

"Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu."

192 Niyamkhumbula umfowethu ekhuluma kulokhu ukusa ngeziNgelosi ezintathu zehla na? Ezimbili zazo zehlela eSodoma. Kukhona njalo okuthathu, kusebuthathwini, nobuthathu nguBunye. Niyabo?

193 Manje qaphelani, kwakukhona abaseSodoma, abaseSodoma abangakholwayo, izwe; kwakukhona uLoti, ikholwa elingumKristu elisivivi; kwakukhona u-Abrahama, obizelwe ngaphandle kubo, oKhethiweyo, u-Abrahama. Uyakukholwa lokho na?

194 Bhekisisani, iziNgelosi ezimbili, abashumayeli besimodeni, behla futhi bashumayela, abenzanga-zimangaliso, kuphela nje ukubashaya ngobumpumputhe, nokushunyayelwa kweVangeli kushaya ongakholwayo ngobumpumputhe. Kodwa uLoti wasindiswa, kodwa u-Abrahama wamelwa phakathi, ngalolusuku lokugcina, iBandla elikhethiwe, iBandla okungaPhezu kwemvelo ebelingena kukho.

195 Bhekisisani leyoNgelosi, manje bhekisisani ukuthi Yenzani. Manje, sonke siyazi, ngale kwanoma yiliphi iphutha, ukuthi Leyo kwakungesiyo iNgelosi, YayinguNkulunkulu uqobo lwaKhe, YayinguMzimba-moya, uNkulunkulu. U-Abrahama waYibiza ngo-Elohim, uNkulunkulu. Futhi Yahlala emuva futhi yakhuluma ku-Abrahama. Manje, bhekisisani isibonakaliso Eyasinika u-Abrahama ukuthi i. . .hhayi ngenkathi izwe libhujiswa ngamanzi. Niyakhumbula ngenkathi libhujiswa ngamanzi. Wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa, bedla, bephuza, beganwa, futhi bendiswa, futhi kwakusemihleni kaLoti." Niyabo? Khona-ke ungakuhumusha lokho.

196 Bhekisisani leNgelosi ngenkathi Ifika. Into yokuqala Eyayisho ku-Abrahama, yazisho ukuthi YayiyisiHambi, amadoda amabili nje engena. U-Abrahama, enoMoya kaNkulunkulu kuye, waqonda ukuthi lawo kwakungamadoda kaNkulunkulu, wangena, watshela uSara ukuba alungise isinkwa, esahambile, wabulala ithole, futhi wenza inceku ililungise, yase ilikhipha. Manje lindani, Lowo kwakunguNkulunkulu.

Indoda yathi kimi esikhathini esingeside esedlule, "Mfowethu Branham, ubungeke ucabange ukuthi lowo kwakunguNkulunkulu."

197 "KwakunguNkulunkulu, iBhayibheli lathi Kwakunguye. Udla inyama yethole, uphuza ubisi oluvela enkomazini, futhi adle amaqebelengwane ommbila, ngicabanga ukuthi kwakunjalo, futhi udle ibhotela, uNkulunkulu qobo lwaKhe."

Awu, wathi, "Awu, Ubengaba kanjani enyameni na?"

198 "Uyehluleka ukwazi ukuthi uNkulunkulu unguBani. UNkulunkulu unguMdali. Wenziwe ngani na? Izakhi eziyishumi nesithupha, ukukhanya komhlaba nezulu, nepetroliyamu, nekhalisiyamu, nepotashi. Awu, uNkulunkulu wavele nje wafinyelela ngale futhi wathola idlanzana lobumba, futhi wahamba, '*Whewu*! Ngena lapho, Gabriyeli. *Whewu*! Ngena lapho Mhlonyane. *Whewu*! Mikayeli,' noma ngabe kwakungubani. '*Whewu*!' Waziphephethela ongowaKhe. Wehlela lapho futhi wadla wase enyamalala."

199 Haleluya! Usho ukuthini lomzimba na? UNkulunkulu wami angakhuluma, futhi uma ngingesiso isipunu esigcwele umlotha, ngizophuma, noma kanjani.

200 Njengoba bengihlale nginitshela, bengikama lezizinwele ezintathu noma ezine enginazo ezisele, umkami wathi kimi, wathi, "Billy, usunempandla ngokuphelele."

Ngathi, "Angikalahlekelwa nolulodwa lwazo."

Wathi, "Ngiyacela, ngitshele ukuthi zikuphi."

Ngathi, "Ngitshele ukuthi zazikuphi ngaphambi kokuba ngizithole, noma ngabe zazikuphi, zilapho zingilindele ukuba ngize kuzo." Amen. Haleluya!

201 Kuyini na? Uyabola, "Zonke izinwele zekhanda lakho zibaliwe. Ngiyakumvusa ngezinsuku zokugcina." Haleluya!

202 Umzimba wami walaliswa kulomhlaba ngaphambi kokuba kubekhona ngisho ukuphila emhlabeni, ikhalsiyamu, nepetroliyamu, nezinto. UNkulunkulu unguSonkontileka, Wendlala yonke imizimba njengokungathi Wayezokwakha ingxenye encane. Wayazi ukuthi siyoba lapha, Wayazi ukuthi ngizoba lapha ngaphambi kwezwe, Wayazi ukuthi ngangiyoma lapha ngaphambi kokuba kubekhona izwe lapha, Wayazi ukuthi uyobe uhlezi esihlalweni okuso, Ungongenasiphelo. Impela. Uyakwazi.

203 Wesabani na? Wafaka igama lakho eNcwadini yokuPhila yeWundlu ngaphambi kokusekelwa kwezwe, iBhayibheli lathi Wakwenza. Ukhathazeke ngani na? UnoMoya oNgcwele, ubekwe uphawu eMbusweni kaNkulunkulu. Kuze kube nini na? "Kuze kube lusuku lokuhlengwa kwenu." Amen. Ibandla liyethuka. Ungesabi, ungesabi, kholwa kuphela, yilokho uNkulunkulu akufunayo. Impela.

204 Amandla amakhulu kaNkulunkulu, lowoJehova omkhulu emi lapho kuloMzimba-moya, edla inyama, ephuza ubisi, isinkwa sommbila, ne—nebhotela, wayesethi-ke, "Abrahama uphi umkakho, uSara na?"

205 Bhekisisani lowo Ofanayo ethi, "Wena unguSimoni, indodana kaJonase." Niyabo? Emele lokho Ayikho, uNkulunkulu ofanayo. Wayehlala enyameni ezalwa yintombi ngaleyonkathi, manje Uhlala enyameni ezelwe emhlabeni, kodwa engcwelisiwe ngeGazi laKhe. UNkulunkulu phezu kwakho, uNkulunkulu phezu kwethu, iNsika yoMlilo; uNkulunkulu enathi, eNdodaneni yaKhe; uNkulunkulu ekithi, uMoya oNgcwele. Impela. Izikhundla zikaNkulunkulu, uNkulunkulu ofanayo ngaso sonke isikhathi, izikhundla ezehlukene. Impela. NguNkulunkulu. UNkulunkulu, uMoya oNgcwele, UnguNkulunkulu; Unathi kulobubusuku.

206 Qaphelani, Wathi Uyoba sezinsukwini zokugcina ngaphambi kokuba izwe lishiswe, ngenkathi leliBandla lePentecostal liyongena emandleni. UJesu wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni yase—yaseSodoma, kuyakuba njalo." Bhekisisani uNkulunkulu ebonakaliswa enyameni neSodoma, "Abrahama, uphi umkakho, uSara na?" Wayazi ukuthi wayeganiwe, wayazi ukuthi wayenomfazi, futhi wayazi ukuthi igama lakhe kwakunguSara.

Wayesethi, "Usethendeni emva kwaKho." Khumbulani iBhayibheli lathi, "emva kwaKhe." Ikhethini lase libuyile, wayesethendeni.

207 Wathi, “Abrahama, Ngi,” esinye isabizwana somuntu, niyabo, “Ngizokuvakashela.” Wayengubani loMfo na? “Ngizokuvakashela ngokwesithembiso saMi, nesikhathi sokuphila. USara uyahamba, lesosikhathi sezinsuku ezingamashumi amabili nesishiyagalombili sizoqala ngaye futhi, uzobuyela emuva abe yintombi, futhi ngizokuvakashela.”

NoSara engaphakathi kwethende phakathi kwakhe, kungekho-msindo, wathi, “*Mfu*!”

Futhi Efulathele ithende, wathi, “Uhlekeleni na?”

208 Hlobo luni lokufunda ingqondo lolo na? Hlobo luni lokufunda umqondo lolo na? Kwakuyini na? KwakunguNkulunkulu enyameni, noJesu wayenguNkulunkulu enyameni, noMoya oNgcwele, kulobubusuku, unguNkulunkulu enyameni, ekhombisa eBandleni, efezekisa isithembiso saKhe. Udumo!

209 O, Bandla likaNkulunkulu, vuka ngamaphiko okhozi, futhi undize usuke kulento. Uzomba kanjani ujule ngokwenele ukuba udlule kukho. . . ungene ngaphansi kwakho na? Uzokucashela kanjani lapho kuzoqhuma amafidi ayikhulu emhlabathini, amamayela ayikhulu isikwele na? Awu, ukungqubuzana kuyobhoboka kuze kuyofika obindizeni lwentabamlilo. Kodwa kukhona ukuphunyuka, o, ukuya phezulu, phezulu; phezulu, phezulu, phezulu. Yilokho kuphela. “Ngiyakumvusa ngomuhla wokuphela.”

210 Wena ogulayo, uyakholwa ukuthi Ulapha na? Kwangathi Angazimelela Yena uqobo. Angazi. Khulekani, nonke khulekani.

211 Manje, Nkosi, angazi, lababantu, angibazi, kodwa ukuze bazi ukuthi uNkulunkulu ofanayo, uNkulunkulu ofanayo owahlala enyameni yomuntu ezansi lapho phambi kuka-Abrahama, futhi ngenkathi Engena eMzimbeni, ezalwa yintombi, eneGazi ukususa isono sezwe, uMhlatshelo kaJehova, Owayehlala kuYe, ngenkathi Ethi, “AkusiMina owenza imisebenzi, NguBaba waMi, Uhlala kiMi. Mina noBaba waMi siMunye. Mina noBaba waMi siMunye. UBaba waMi uhlala kiMi,” futhi Wenza imisebenzi efanayo Ayenza ngenkathi Ehlala kulowoMzimba, emi lapho phambi kuka-Abrahama, wethembisa ukuthi i, “Okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza.”

212 Ngashumayela uMlayezo onzima we*ziNkomfa*. Sisenkomfeni, sibiza Wena, Nkosi, Yenza isinqumo. Ngabe wena unguye izolo, namuhla, naphakade na? Ngizamile ukushumayela iZwi laKho ngendlela nje eLilotshwe ngayo, ngizamile ukuma kuLokho. Uma Ulapha, Baba, siphe isinqumo saKho. Ngabe Wena usenguye na? Ngabe Ulapha ukuba usebenze enyameni yethu intando kaNkulunkulu, futhi wenze izinto Othembise ukuthi Uyozenza na? Kuqinisekise, Nkosi,

okungenani ngababili noma abathathu ezethamelini. Siyacela, eGameni likaJesu. Amen.

213 Akekho onyakazayo, uthule ngempela, uhlonipha ngokuzithoba ngempela manje.

214 Uma noma ubani efuna ukuza lapha futhi athathe indawo yami, uma ungakholwa ukuthi lokhu kuyiqiniso, woza lapha futhi uzame. Wamukelekile epulpiti.

215 Bangaki kulesisakhiwo lapha ogulayo, futhi uyazi ukuthi angikwazi, angazi lutho ngawe, phakamisa isandla sakho. Akukho-muntu engimaziyo. Bangaki onesifiso enhliziyweni yabo ngothandekayo othize, noma okuthize na? Uyazi angikwazi. Noma odinga noma yini, kholwa nje.

216 Phambi kukaNkulunkulu, phambi kukaMoya oNgcwele, ngizobheka futhi ngibone uma kukhona engimaziyo kulesisakhiwo ukuthi mina, empeleni, ngiyokwazi. Kunendoda ehlezi lapha engiyibhekile, angilazi igama layo, iza lapha nalezo zithunywa zenkolo. Ngi—ngiyalikhohlwa igama lakho. Ngethulwa kuyo ngolunye usuku.

217 Lendoda lapha ingivayizela kanye ngankathi, kodwa angiyazi, angiyazi ukuthi ingubani. Ngibheke nje ukuqiniseka ukuthi ngi. . .Ngiyamazi uDadewethu Schrader ohlezi lapha, kusobala, uJackie, indodakazi kaMfowethu Moore, futhi nango umalokazana wakwami, uLoyce. Futhi leli akusilo yini inenekazi lapha elivela enhla eHot Springs engikhulume nalo kulokhu ukusa, Dadewethu Humbard na? Yebo. Uthini na? Humbard. Ngiyamazi. Ngaphandle kwalokho angazi muntu phandle lapho. Ngizobamba umsamo, mhlawumbe kusasa ebusuku, uma iNkosi ithanda.

218 Kulungile, ake sibone, iBhayibheli lathi, "Ngivivinyeni, isho iNkosi." Kunjalo na? Manje, yiba qotho futhi ukhuleke, ake ngifulathele futhi ngibone ukuthi uNkulunkulu uyaligcina yini iZwi laKhe. Uma uNkulunkulu owayehlala kuleyonyama ezansi lapho yalowoMuntu, lowoMzimba-moya, kumbe noma ngabe Kwakuyini, uNkulunkulu owahlala kuJesu Kristu, Yena uJesu. . .Wonke umuntu wayecabanga ukuthi Wayekhuluma ngapha nangapha, kodwa ngezinye izikhathi kwakunguYe ekhuluma, ngezinye izikhathi kwakunguMoya ukhuluma.

219 Manje, khumbulani uJesu wayenguNkulunkulu, asisuye uNkulunkulu. WayenoMoya ngaphandle kwesilinganiso, "Ukugcwala kobuNkulunkulu ngokomzimba kwakuhlala kuYe," kodwa sinoMoya ngesilinganiso. Awu manje, uma ngithathe isipunu esigcwele samanzi olwandlekazi, lokho bekungaba ukuqhathanisa, ubungeke neze ukugeje. Awu, lowo nguMoya oNgcwele ophezu kwami naphezu kwakho. Kodwa khumbulani uma ngi. . .NoJesu wayenalo lonke ulwandlekazi, lwalukuYe, konke okwalo.

220 Kodwa uma ngithathe isipunu esigcwele samanzi olwandlekazi, amakhemikhali afanayo asolwandlekazi lonke akuleso—lesosipunu esigcwele, yonke ikhemikhali olwandlekazi iphakathi lapho, isemanzini. NguMoya ofanayo, kodwa hhayi kakhulu kwaWo, kodwa Uyokwenza ngendlela efanayo, ngoba Wakwethembisa.

221 Ngikucela nje ukuba usho lokhu: "Nkosi," qiniseka ukuthi ubeka umBhalo, "Kulotshiwe emBhalweni ukuthi Wena manje ungumPristi wethu oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu. Nginesidingo. Nkosi, ukuqinisa iZwi laKho kimi, mangikwazi ukuthinta ingubo yakho."

222 Ngifisa. . . A—angisho ukuthi Uzokwenza, khumbulani, angisho ukuthi Uyokwenza, ngiMthatha nje eZwini laKhe.

Manje, uma ubungathi, "Mfowethu Branham ngiphulukise."

Ngi—ngifisa sengathi bengingakwazi. Ukuba uJesu ubemi lapha, Ubengeke akwenze, Usevele ukwenzile, Uzama nje ukuthola wena ukuba ukukholwe.

223 Uma Ezokwenza lokhu, kinina bantu phandle lapho, nje nihlezi phandle lapho, ngabe kuzodusha kususe konke ukungabaza, futhi uzokholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, kuso sonke isakhiwo na? Ningaziphakamisela izandla zenu kuNkulunkulu, nithi, "Bekuyongenza nje ngikholwe kukho"? Kulungile, khuleka.

224 Manje, Nkosi, lokhu akusikho okombukiso, lokhu okokuqinisa iZwi laKho. Uyaligcina iZwi laKho, ngiwakholwa Onke. Manje, kukhona abesilisa nabesifazane phandle lapho abadingayo nje, njengabantu wayenjalo ngosuku Owaba ngalo emhlabeni, njengowesifazane wathinta ingubo yaKho. Wena useNkazimulweni kulobubusuku, uhlezi ngakwesokunene soMkhulu, futhi UngumPristi oMkhulu, Wena wathi, ongathintwa umuzwa wobuthakathaka bethu.

225 Singeke saphulukisa, siyazi ukuthi asisibo abaphulukisi, kodwa Wena zenze Wena waziwe, ukuthi UsenguNkulunkulu. Makuthi omunye, Nkosi, abe nokukholwa okwenele ukuKuthinta ngalesisikhathi. Ngikhulekela ukuthi—ukuthi Uzongivumela, inceku yaKho engafanele nengenanzuzo, ngikwazi ukuziphumuza futhi ngizidedise endleleni, ukuze Ukhulume izimfihlakalo zaKho eBandleni laKho ukuqinisa.

226 Baba, uMose wayengakufanele ukwehlela eGibhithe, kodwa Wamkhetha; UPetru, umdobi, wayengakufanele ukuba ngumphostoli, kodwa Wamkhetha. Asisibo abethu, sithengiwe. Angifanele ukuba yinceku yaKho, kodwa Wena ukhethile, akekho kithi ofanele, kodwa Wena ukhethile.

227 Makube njalo kulobubusuku, Nkosi, ukuthi ingxenye el'khuni yeZwi laKho izokwenziwa, ukuze abantu bazi ukuthi Wena unguNkulunkulu, futhi ngibatshela iQiniso. Manje,

abantu bayabuka futhi bayamangala, neBhayibheli lisho ngokucacile, "Uma ekhona phakathi kwenu, ongumprofethi, Ngiyakukhuluma kuye; okushiwo ngumuntu kuyiqiniso, kuyafezeka, khona-ke muzweni."

228 Baba, ngisho lokhu ukuze bakholwe uMlayezo engiwushumayela kubo, ngikhulekela ukuthi Uzoqinisa. Ngikhulume ngaWe, manje khuluma, Nkosi, ukuthi ngikhulume iQiniso. Siphe khona, Baba, njengoba ngilindele Wena ngomdonso wokukholwa ovela ndawondawo, eGameni leNkosi uJesu.

229 Kukhona inenekazi, ngiyalibona phambi kwami, liphethwe yisifo samathambo. Nanti lihlezi khona lapha, isandla siphakeme *kanje*. Lelo yiqiniso. Ubukhulekela ukuthi uNkulunkulu uzongiphendula, manje Usekwenzile, isifo sakho samathambo asisekho.

230 Angilazi inenekazi, angikaze ngilibone. Ngabe siyizihambi komunye nomunye, nenekazi na? Angikwazi, awungazi. Ukuze u. . .Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe na? Ngiqonde inceku yaKhe. Lelogama likhubekisa inqwaba ye. . .Ngibheke, kholwa.

231 Kuthiwani ngalowomfana na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi yini engalungile kumfana na? Uma bengingamphulukisa, bengiyokwenza. Angikwazi, kodwa, uJesu akakwazi, kodwa uNkulunkulu usenyameni yethu manje. Lowomfana unemfiva yofehlane. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Noma, ubenayo, akasenayo manje.

232 "Uma ukholwa!" Uthinteni, ngifulathele na? Uthinte umPristi oMkhulu. Niyakholwa manje na? Khulekela umuntu-mumbe, kholwa, yiba nokukholwa. Kunabaningi kakhulu, abaningi kakhulu.

233 Ucabanga ukuthi uzophulukiswa kulowomdlavuza na? U-anti wakho. Uyakholwa ukuthi uzosinda na? Kulungile. Akekho lapha, kodwa ubumkhulekela, u-anti onomdlavuza. Kholwa, futhi uzosinda.

Yiba nokukholwa nje, ungangabazi, kholwa ngenhliziyo yakho yonke. UNkulunkulu uphendula umkhuleko. Uyakukholwa lokho na? Yiba nokukholwa kuNkulunkulu.

Umuntu-mumbe kulesisigaba, ndawondawo, akunandaba ukuthi ukuphi, khuleka.

234 O Jehova-Jira, Jehova-Rafa, uNkulunkulu wombono, uNkulunkulu wamandla, uNkulunkulu esimazi kuJesu Kristu, makube njalo, Baba. Yebo.

235 Manje ukubona ukuthi ngingamthola yini umuntu. Ngibuka omunye emuva lapho obonakala eseduze. UTed Dudley. Ngabe lowo uTed ohlezi lapho na? Ngicabange ukuthi bekunguye. Khona phakathi lapha, ngabe nguTed na? Kusemva kwakho

ngqo. Inenekazi emuva lapho, yebo, niyabo, akusilo eligulayo, likhulekela indodana yalo. Kunjalo. Yinenekazi eselikhulile. Ihlala eMississippi, isoni osikhulekelayo ukuba sisindiswe.

236 Angikaze ngilibone empilweni yami. Ngabe lezozinto ziyiqiniso, nenekazi na? Phakamisa isandla sakho. Ngabe uNkulunkulu usasebenza enyameni yomuntu na? Kuthiwani ngani nonke emuva kuleyongxenye na? Uyakholwa emuva phakathi lapho na? Khuleka ngenhliziyo yakho yonke.

237 Yena, Owazi izinto zonke, ngikhuleka kuWe, Nkosi, wazi inhliziyo yabantu, hhayi ukuthi abantu baziwe, njengoba Ukhulume ngezilimi kulokhu ukusa, kodwa loMlayezo wathi kukhona abaprofethi phakathi. Siyazi ukuthi nguWe lowo, Nkosi. Ubungakhuluma nobani emuva lapho na?

238 Yebo, insizwa, igqoke i—iyembe elifakwe izinkinobho, ingafake thayi, yihembe lezemidlalo. Lapha. Angikwazi, mfo osemncane, angikaze ngikubone empilweni yami. Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe na? Usuka kude nalapha, usuka esikoleni. Yiba nokukholwa. Ukhulekela umfowenu omncane, ugongobele. Wena useTexas ngalesisikhathi, kodwa umfowenu omncane uvela ezweni elinezintaba kulo, yi-Idaho. Igama lakho nguMnu. Hunt. Kholwa eNkosini uJesu Kristu, futhi wemukele lokho okucelile.

239 O, iMbali yaseSharoni, uMnduze wesiGodi, iNkanyezi yoKusa, u-Alfa, u-Omega, owokuQala nowokuGcina, iMpande neNzalo kaDavide!

Indoda ehlezi lapho enesibhono esiphindeke kabili, ithumbu, ihlinzwe kabili ngenxa yalo. UMnu. Finn waseMississippi. Angikwazi, kodwa lelo yiqiniso.

Uyakholwa na? Yiba nokukholwa.

Nks. Farmer, angikaze ngikubone empilweni yami. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uyayiphulukisa inkathazo yakho yomphimbo na? Ungaya eMississippi, futhi, futhi usinde.

UNkk. Boyd, eceleni kwakhe, ungowaseShreveport, Angikwazi, kodwa unesifo sokudumba komsipha, isifo sokusha kwemizwa. Phila.

Ngikuphosela inselelo ukuba ukholwe eNkosini. AngisiYo, kodwa Yona ilapha.

240 Wesula izinyembezi emehlweni akho, ulele embhedeni, ufa. Kwakukhona abanochoko abathathu ababehlezi esangweni ngesinye isikhathi, bathi, “Sihlaleleni lapha na? Uma sihlezi lapha, sizobulawa yindlala.” Emzini, babedla abantwana bomunye nomunye. Uthi, “Sihlaleleni lapha na? Asihambe senze okuthize ngakho. Uma siya ekamu lezitha, uma zisibulala, sizofa, noma kanjani. Sizofa, noma kanjani, kodwa mhlawumbe bazosisindisa.” Futhi ezisekelweni zokuya ekamu lesitha, uNkulunkulu wababvuza.

241 Uma uNkulunkulu ezongitshela ukuthi iyini inkathazo yakho, nenekazi . . . Usibekelwe yithunzi, kunethunzi elimnyama phezu kwakho, ufa. Uma Ezongitshela ukuthi iyini inkathazo yakho, uzovuka, futhi ungayi ekamu lesitha ukuba uthathe ishansi, kodwa uze endlini kaNkulunkulu ophilayo lapho ulindeleke khona na? Uzongikholwa njengomprofethi waKhe na? Unomdlavuza emgogodleni. Sewube sembhedeni amaviki. Sukuma, yemukela ukuphulukiswa kwakho. Hamba uye ekhaya eGameni leNkosi uJesu.

Uyakholwa na? Bangaki . . .? Nango! Umgogodla waphulukiswa kumdlavuza! Asidumise uNkulunkulu.

NgizoMdumisa, ngizoMdumisa,
Dumisani iWundlu ngokuhlatshelwa isoni;
Mnikeni udumo nonke nina bantu,
Ngokuba iGazi laKhe ligeze onke amabala.

NgizoMdumisa, ngizoMdumisa,
Dumisani iWundlu ngokuhlatshelwa izoni;
Mnikeni udumo nonke nina bantu,
Ngokuba iGazi laKhe ligeze onke amabala.

Asikhothamise amakhanda ethu.

NgizoMdumisa, ngizoMdumisa,
Dumisani iWundlu ngoku . . . elihlatshiweyo;
Mnikeni inkazimulo . . . (Esikushilo . . .)

